

NINGESABI

Asibe silokhu simile umzuzwana nje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu phambi kukaNkulunkulu. Namakhanda ethu nezinhlizyo zethu kukhotheme, angazi noma ngabe zikhona yini izicelo ezikhethekile endlini kulobubusuku, obungazidingela umkhuleko. Kwazise nje ngesandla sakho esiphakanyisiweyo. INkosi inibusise.

² Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni esikhulu sobukhosi manje, eGameni leNkosi uJesu, ngokuba siyatshelwa ukuthi uma siza futhi sicele noma yini eGameni laKhe, siyophiwa khona. Futhi sifuna ukuba kuqala siKubonge ngalombuthano oyisimangaliso, lobubusuku obune babantu abagewaliswe ngoMoya obuthene ndawonye lapha. Futhi sithole ukuthi umBhalo futhi ufakazisa ukuthi uqinisile, ukuthi, “Lapho kubuthana ababili noma ngaphezulu, Ngiyakuba phakathi kwabo.” Futhi siKubonile uphilisa abagulayo, uphumisela izibusiso, utshela abantu ukuthi kuzoba yini, futhi sinokuthokoza kakhulu ngalokho.

³ Futhi thina, njengabazalwane lapha emsamo, Nkosi, ngingokubonga ngaleliqembu lamadoda engaziyo ukuthi... LamaKristu, lezizingane ezisanda kuzalwa, ezisanda kungena nje kuKristu kuleliviki, Nkosi, ngikhulekela ukuthi ngayinye zizozitholela ikhaya elithokomele lapha, ibandla lasekhaya, futhi ziKuphilele, futhi zisebenze uJesu aze afike.

⁴ Futhi kwangathi lemiphumela, yethu sibuthene ndawonye, ingabangela imvuselelo eyishefini endala ukuba inqwamane nedolobha lonke, Nkosi. Abaningi... Kwangathi ingephele neze, uJesu aze afike. Kwangathi njalonjalo kungaba yimvuselelo. Kwangathi lamabandla angagcwaliwa swi, ndawo zonke, neVangeli likaJesu Kristu elihle kakhulu laziwe emazweni onke.

⁵ Manje, Baba, si—sikhulekela laba abaphakamisa izandla zabo. Uyazi ukuthi bekuyini ephansi kwesandla. Thina... Wena wazi konke ngakho, ngakho nje sikunikela kuWe, futhi sicela ukuthi Uzobapha isicelo sabo.

⁶ Futhi manje sihlephulele isinkwa sokuphila, Nkosi. Sifuna Wena ukuba ukhulume kithi ngeZwi, ngokuba, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa iZwi.” Futhi sikhulekela ukuthi Uzosazisa khona kulobubusuku, intando yaKho yobuNkulunkulu. Zikhombise Wena uqobo futhi kulobubusuku phakathi kwethu, Baba. SiyaKubonga ngakho konke okwensiwe futhi kwashiwo, futhi sibheke lokhu, ukuba kube yisikhathi sokwenza uvuthondaba olukhulu lwenkonzo. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

Ningahlala phansi.

⁷ Ngikuthatha lokhu njengokunye kwezinhlahla zami ezinkulu, ukuba sibe nalesisikhathi senhlanganyelo lapha nani bantu abakahle, lapha kuleliholo eTucson. Futhi bengilapha izinsuku ezimbalwa nje, futhi ngi—kade ngilapha izinsuku ezimbalwa, njalo, futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ngokuza lapha futhi kungesikho... Ngihambe ngaphandle kokusho noma yini, noma ngibe nomhlangano, bekuzothi ukubukeka kabi. Futhi angilitholanga ithuba ukuvakashela bonke lababazalwane abakahle, engihlangane nabo lapha selokhu ngibe semsamo. Futhi ngifisa sengathi bengingahlala iviki ebandleni ngalinye. Impela bengingathanda ukwenza lokho.

⁸ Futhi, kodwa, ngijabula kakhulu ukuthi nina zingane ezisanda kuzalwa, nina enisanda kuthola uKristu ngaleliviki... Ukuba bengisendaweni yenu, bengi—ngingazitholela ibandla lasekhaya elihle phakathi kalamadoda lapha, noma yikuphi lapho ebengisondele kakhulu kulo, noma ngikhethi ukuya kulo. Namabandla engiwavakashele, kunamanye amadoda lapha, ekade ngisemabandleni awo, amadoda asemllilweni ngempela ngoNkulunkulu, ashiswa yintshisekelo, ezama ngamandla awo onke ukubamba ukuKhanya kweVangeli. Ngi—ngiyawathokozela amadoda anjalo. Futhi, khumbulani, lamadoda akholwa yiVangeli elifanayo engilimele lapha ngilishumayela. Angabaxhasi bami. Ayileyo esukuma lapha emsamo. Awanamahloni ngaLeli. AyaLimela. Ayakholelw kuLo. Futhi alapha, engisekela, engikhulekela, njalo ebusuku. Futhi ngiyacabanga, uma ungayi ebandleni, yini ungayi nje kwenye yalamadoda akahle lapha, futhi—futhi uze ebandleni lawo futhi uhlanguyele nawo. Ukuba bengakhe lapha, futhi ngingesuye umfundisi qobo lwami, yilokho—yilokho ebengiyokwenza. Impela bengiyozitholela ibandla lasekhaya elihle nalawa amanye amadoda, futhi—futhi ngithathe indawo yami kuKristu.

⁹ Futhi uma ungakaze ubhaphathizwe namanje, wena onikele inhlizyo yakho kuKristu, khulumisana nenye yalamadoda, futhi uzokwemukela umbhaphathizo wamaKristu. Bese kuthike, futhi uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele, ba—bazokwazi ukuthi bakuyale kanjani, ukuthi ufanele uwemukele kanjani.

¹⁰ Ngizokhuluma ngalokho ekuseni ekudleni kwase kuseni kweBusiness Men, iNkosi ithanda, ngokuthi, ngombaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngithe ukuphinda kokuncane kweMfundiso lapha, ngoba siyiqembu elixubene phakathi lapha. Kodwa, ekuseni, ngifuna ukukhuluma uMlayezo wokuvangela ngoMoya oNgcwele, uma iNkosi ithanda. Manje, ngicabanga ukuthi ukudla kwasekuseni kuqala ngelesishiyagalolunye. Elesishiyagalombili nqo, kunjalo na? Ngelesishiyagalombili nqo, ekuseni.

¹¹ Futhi manje ngithanda ukumema omunye esimzamile, selokhu sibe seTucson, ukumthola. Futhi mhlawumbe, abany

benu bazalwane lapha, inenekazi lingahle ukuba likhonza ebandleni lakho. Ngicabanga ukuthi lingahamba ngegama likaCharlotte Raney. Ngabe noma ubani...Uyalazi na? Ngabe lilapha edolobheni na? Charlotte, ukhona na? Ngi—ngi... Ungumngani wethu oqondene nathi, futhi asimtholanga. Uyinesi.

¹² [Omunye uthi, “Indodakazi yakhe ilapha.”—Umhl.] Indodakazi yakhe. Awu, he, he! Ngiyazibuya ukuthi ngabe isinkulu kangakanani? Sukuma, sithandwa, noma ngabe ukuphi. Ngithemba ukuthi awumkhulu kakhulu ukuba ngikubize ngesithandwa. [“Nanso.”] O, o, he! Usucishe impela ukhule wedlule usayizi wokuthi “sithandwa,” awukhulile na? Ngiyabonga. Utshela umama, “UNKulunkulu ambusise; futhi siyamthanda; futhi impela besingathanda ukumbona singakahambi.” Futhi nje thola noma ubani we...UBilly Paul kumbe noma ubani lapha, futhi usazise ukuthi nakhephi. Sizame ukukuthola ngebhuku locingo lwefoni. Sibuza macala onke, ndawo zonke, futhi asangakuthola. Ngiyabonga, kakhulu impela. Futhi ngigcina ukukubona, wawusengumntwanyantwanyana nje omncane.

LoNkk. Raney, udadewabo—wabo—wabo.

¹³ Unesi odume kakhulu, wayengomunye wabokuqala ukuguliswa ngumdlavuza ukuba ngibone iNkosi imphilisa. Wayengazi ngisho nokuthi wayekuphi, kumbe noma yini, washiswa ngensimbi iradiyamu. NeNkosi yayisanda kungibizela nje kulenkonzko, ubusuku noma obubili ngaphambili. O, sekungeminingi, iminyaka eminingi eyadlula, mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu eyedlule. Futhi wayeseLouisville, naserekhodini lomdlavuza, eLouisville, kade efile, iminyaka engamashumi amabili. Futhi useyanesa manje, futhi uphile nje futhi uqine ngakho konke.

¹⁴ Nalona ngudadewabo oze eNtshonalanga lapha, naye nengane encane, wayeseyiyo ngaleyonkathi. Futhi selokhu sibe lapha, kade sizama ukubathola. Futhi ngitshele uMeda ukuthi ngyo...umkami...Bengimbheke ndawo zonke, futhi a—angimbonanga. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi—ukuthi ubese athutha, noma into ethize. Futhi mina, ubusuku ngabunye, ngicabange ukuthi ngizommema. Ngase ngikubhalake, ezinye izinto phansi lapha, ebengifuna ukuzisho, kwelinye iphepha, ukuze ngingakholwa. Sengigugile.

¹⁵ Bengitshela uMfowethu Moore. Bangaki owazi uJack Moore na? Impela, niyamazi, nina Christian Business Men. Umfundisi okahle eShreveport. Wayevame ukuba ngomunye wabahambisana nami emhlanganweni. Ngathi, “Mfowethu Jack, uyazi, kuba lukhuni kimi ukuba ngibe ngisakhumbula njengoba

ngangivamile. Kwakuvame ukuthi, ngangikhumbula noma yini, ngokukhulu ukushesha.”

“O,” uthi, “uze waqhubekela kude kangako na?”

Ngathi, “Lokho kukude ngokwenele.”

¹⁶ Wathi, “He!” Wathi, “Ngibizela indoda enhla, kutheleponi, wathi, ‘Ufunani na?’” [Ibandla liyahleka—Umhl.]

¹⁷ Lokho ku—lokho kuyizindlela ezinde enhla nomgwaqo. Uthi nje akabe mdala ngeminyaka emine noma emihlanu kunami. Ngithemba ukuthi angikutholi lokho. Wayesho lokho nje, nokho. UngumIrishi, ukuncokola. Kodwa, ukubizela indoda enhla bese uyibusa ukuthi ibifunani, lokho bekungaba kubi.

¹⁸ Manje, enye into, ngiyabonga, dade, sithandwa, futhi qiniseka uku—ukusithola. Tshela umama sifuna ukumbona, futhi sibuyela emuva ukuyobona uAnti Margie, khona manje, uMalume Bill.

¹⁹ Manje, nginokuthokoza, nginokuthokoza kakhulu, kuleliqembu labefundisi elixhase loluhlelo lapha. NakumKristu... iFull Gospel Christian Business Men lapha yedolobha, nginokuthokoza.

²⁰ Ngizama ukungena kuzozonke izindawo ezincane engingangena kuzo, futhi asikwazi ukuya kuzo zonke. Nansi imenenja yami, ihlezi khona lapha, uMfowethu Borders, ohamba nami futhi enze imihlangano. Futhi nginebhuku, ekhaya, elithi alibe *njalo*, ligcwele izimemo, umhlaba jikelele, futhi bangitshela ukuthi unelinye azonginika lona ekuseni.

²¹ Kodwa ngokuvamisile ngiya nje lapho uNkulunkulu eholela khona. Bese-ke, uma ngiya lapho, khona-ke ngingeza ngeGama leNkosi uJesu, ngoba Yangithuma njengenxusa. Futhi ngizizwe ngiholeleka, ngise lapha eTucson, ukuba nalomhlangano. Ngicabange ukuthi uzoba muhle, futhi kakhulukazi ukuthola ukuba nenhlanganyelo.

²² Futhi bangaki abake bamkhumbule uFred Bosworth, uMfowethu F. F. Bosworth, ongewele kaNkulunkulu omdala omkhulu na? Futhi usanda kuya ekhaya nje eNkazimulweni, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane ubudala, maduze nje. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini inhlanganyelo na?”

Ngathi, “Ngicabanga kanjalo, Mfowethu Bosworth.”

²³ Wathi, “Ngabafu ababili emkhunjini owodwa nje.” Ngakho, nginendawo yomunye, ngakho nginokuthokoza kakhulu.

²⁴ Futhi njalo kungikhumbuza ngendaba encane. Ngangingena, ngaphandle, omunye wabangenisi wahlangana nami wayesengixhawula. Wathi, “Awusho, mshumayeli,” wathi, “Ngi—ngingumfowenu wakini.”

²⁵ Ngathi, “Ngiyajabula ukukubona.” Wayesengitshela igama lakhe, futhi wayeyindoda engumIrishi, naye.

²⁶ Futhi ngakho omunye wangibuza, ngesinye isikhathi, wathi, “Usizwe sini, Mfowethu Branham na?”

²⁷ Ngathi, “NgingumIrishi.” Futhi uma kukhona . . . Futhi uma bengasindiswa, kunethemba lomhlaba wonke.

²⁸ Futhi ngakho—futhi ngakho wenzenka abe yindoda engumIrishi, futhi. Wayesethi, “Ngiyazithanda lezozindaba ngokuzingela.” Wathi, “Ngiyathanda ukuzingela nami.”

²⁹ Ngakho, awu, “Ufanele ube yizinto zonke, kuwo onke amadoda,” uyazi, “ukuze sizuze abanye kuKristu.”

³⁰ Futhi ngikhulumma ngenhlanganyelo, ngyakhumbula ngesinye isikhathi, futhi ngangisenhla enyakatho eNew Hampshire. Nga . . . Lelo yikhaya lenyamazane idiyen enomsila omhlophe. Ngangidobela lamabruk ansundu amancane nomsila oyisikwele. Futhi si . . . futhi nganginendawo, iminyene, ithende lami elincane laliphezulu le, entaben. O, ngibone indawo lapho amanzi ayehlela khona . . .

³¹ Futhi ngiyazi ngenenqwaba yabangani abangabadobi. Angitholanga manzi enele eArizona ukuba ngiyodoba, namanje, selokhu ngibe lapha. Ngiwaphuza onke awami. Kodwa nje kuyi . . . Yileyonto kuphela. Mina, ngiyalithanda lelizwe, kodwa impela ngifisa sengathi ngabe besinamanye amachibikazi noma iziziba, noma into ethize ngapha. Futhi ngiyiBaptisti, niyazi, futhi ngithi ukuthanda inqwaba yamanzi. Futhi ngakho ba . . .

³² Kwakunalelichibi elincane—elincane engangidoba kulo. O, he! Ngiyazibamba nje, niyazi, ukuba nje ngidlale ngazo, bese ngizidededa. Futhi uma ngibulala eyodwa, kusobala, ngyayidla leyo. Futhi emuva emva kwefly layini yami, kade ibamba isixheke somyezane omncane oyinxakanxa emuva lapho.

³³ Ngakho ngalala ubusuku bonke ethendeni elincane, kade ngilapho izinsuku ezithi azibe mbili. Futhi ngokusa okulandelayo, ngathatha imbazo yami encane yesandla, ngaphuma. Ngangicabanga ukuthi ngiyonquma lezozihlahla zisuke, futhi ngidlale ngalezozinhlanzi amatrawuti isikhashana. Ngesinye isikhathi, cishe kusasa, ngyiobe ngehla futhi, ngetshethe ithende lami elincane.

³⁴ Futhi endleleni yami sengibuya, kwakukade kukhona u—umama bhore namawundlu akhe amabili ayengene ethendeni lami eliadlana elinesaka ocamela kulo. Ngakho, futhi akusikho akudlayo, yilokho akubhubhisayo. O, he! Ayathanda ukwenza izinto zingqangqazele. AyiPentecostal, kuze kuyofika emnyombweni, leyondlela. Ngakho a—nje a—nje ayathanda . . . Ayakuthanda nje lokho. Ngakho angena bese eshaya ipayipi lesitofu elilahla phansi, futhi nje alihlifize. Manje, ngikhulumma ngomsindo, awu, kungcono ngikushiye kanjalo lokho. Niyabo?

³⁵ Ngingafakazisa, noma yini engenakho ukuzwela kuyo ifile. Ngakho uma inkolo yakho ingenakho ukuzwela okuncane kuyo, kuncono uyingcwabe, futhi—futhi uthole enye into. Uzofanele ube nokuzwela ukuze uphile.

³⁶ Futhi ngakho qaphelani, leli elidadlana... Ngenkathi ngenyuka, ngezwa umsindo. Ngase ngibuka ngale, futhi kwakukhona umama bhere omdala nabafu bakhe abancane ababili, babengene lapho. Futhi nje bahiphiza yonke into eyayilapho. Futhi ngangazi lokho kwakungukuthi “hliphiza ikhempu-ke bese uyahamba.” Ngakho manje-ke ngabuka, nomama bhere omdala, wasuka wagijimela kwelinye icala. Wayesekhala ememeza, niyazi. Wayeyibhere elimnyama. Awamakhulu kakhulu nje. Futhi ngakho lasuka labaleka lase likhala limemeza iwundlu lalo. Nelinye lamawundlu liza kulo, nelinye alizanga. Awu, ngamangala, “Kwenzenjani ezweni na?”

³⁷ Futhi nganginevolovolo elidala elase linokugqwala libekwe lapho kulelothende. Futhi, kodwa, ngiqagele lafihlizwa ngalesosikhathi. Futhi ngangiphethe imbazo esandleni sami, futhi—futhi ngi... Niyazi, umama bhere omdala namanye amawundlu, angathi ukuthukuthela, niyazi. Futhi angakukwebha, naye, wayefuna. Ngakho ngangithe ukumbhekisisa, niyazi, ngigcina isihlahla emqondweni wami ngaso sonke isikhathi. Enganginga...

³⁸ Nizwile ngomshumayeli esihlahleni sikakinamona, awu, noma yiluphi uhlobo lвесihlahla luyosiza uma ibhere likulandela. Ngakho ngasibhekisisa lesosihlahla, futhi ngamangala ukuthi kwakwenzenjani ngalelobhere elidadlana. Nje lali... lalingezukuhamba. Nonina wayelokhu ekhala elimemeza, futhi lalilokhu lihleli nje. Lakhukhumala lonke, *kanje*. Ngacabanga, “Unani umfo omncane na?” Ngacabanga ukuthi mhlawumbe ngingagijima ngingene bese ngidumela lelovolovolo elidala. Ngacabanga, “O, ngeke ngambulala lowo mama bhere omdala, uma ebengangihlasela, ngoba belingashiya izintandane ezimbili emahlathini. Ngakho ngeke ngakwenza lokho.

³⁹ Ngakho ngacabanga, “Ngizovele nje ngibhekisise lesihlahla, futhi ngibone ukuthi umfo omncane unani.” Futhi manje wayekhukhumele wonke, *kanje*, futhi ngambona ehamba. Nomama omdala wayekhala ememeza, futhi eya emuva naphambili, ethi ukuyaluza. Futhi wayengibhekisisa, nami. Futhi ngenkathi efulathela ukuba abuke elinye ibhere, ngangihambela nhlanye, *kanjalo*, ukuzama ukujikela ngale, ngibone ukuthi umfo omncane waye... nginaye ekhathalele. Niyazi ukuthi wayenani na? Wayenebhakede lami likatiligi.

⁴⁰ Futhi niyazi, ngi—ngiyawathanda amakhekhe amapanikuku. Ngiyazi ngingenqwaba yezakhamuzi zakithi zalokho kuthanda ukudla okufanayo. Ngakho, futhi—

futhi niyazi angi—angikholelwa ekufafazeni. Ngithanda ngempela ukuwabhaphathiza. Ngithanda ukuwathela kanzima, niyazi, ngifake inqwaba katiligi. Ngicina ukudla ezansi lapha eRamada, ngolunye usuku, sasinokudla kwase kuseni okumnandi kunakho konke. Futhi babenamakhekhe amaflepjeke amnandi, anjalo. Siwabiza ngamakhekhe amaflepjeke, eNingizimu. Kodwa ni... Uma sinawo ekuseni, sitshele uweta omningana nje utiligi, uma uthanda. Lokho, lokho kwakungenele. Ngaze ngafaka ushukela phezu kwawo, niyazi, ukuwaqedza.

⁴¹ Kodwa, nokho, lelibhere eliadlana, umfo omncane wayethathe isidladla sakhe, wayesevula lelibhakede. Wayenelakhe... Ayazithanda izinto eziwidzi, niyazi. Futhi lafaka isidladla salo esincane kulelibhakede likatiligi. Lalingazi ukuthi lizowudla kanjani ngezandla zalo, ngakho la—lavele nje lazigcoba lase likhatha, niyazi. Bese-ke ligcoba bese likhatha, emva kokuba lase lisicwilise sonke ebhakedeni.

⁴² Ngathi, “Phuma lapho.” Ngangilokhu ngilimpongolozela. Lalingaphenduki ngisho. Futhi emva kokuba selisicwilise ebhakedeni, lajika, langibuka. Futhi lase lingasakwazi ukuvula amehlo alo, niyazi. Kusukela phezulu ezindlebeni zalo, kuze kuyothi ngqi phansi esiswini salo esincane, laligcwele utiligi nje.

⁴³ Ngacabanga, “Kunjalo. Akukho ukulahlwa. Lokho kufana nje nomhlangano wephentekoste omdala omuhle. Uma ufaka isandla sakho phansi ngqo ebhakedeni likatiligi, noma ujeke woju, kuze kuyofika ezindololwaneni zakho, futhi nje umemeza, udumisa uNkulunkulu, anginendaba ukuthi kuhambanzi, awukuzwa. Niyabo?

⁴⁴ Kodwa, niyazi, into exakile kwakungukuthi, emva kokuba seliwigedile, namanye awo emi phandle lapho elithethisa; selifike lapho, onke amanye ayenenhlanganyelo. Onke alikhatha. Imvelo ibamba ezinye izinto ezixakile, ayizibambi yini, mfowethu na? Ekhatha onke. Manje, labobantu abangawethamelanga lomhlangano, bangakhatha utiligi wakho nje, e...niyabo, emva kokuba usuphelile. Kulungile.

⁴⁵ Sinokuthokoza, nokubonga ngalesisigejane esikahle sabafowethu, nangalesisigejane esikahle sabantu. Futhi ba... Ngicabanga ukuthi yonke into iphuma kahle. Futhi asi... Ngokoqobo si... Into eyodwa esingezukuyivumela ezezimali, noma yimuphi umzamo wezezimali. Umfowethu ungitshele phandle lapho, wathi bebenakho konke kodwa amadola ayikhulu. Ngimnika isheke. Ngathi, “Khohlwa yikho. Niyabo? Ngizoyikhokha, mina uqobo.” Ngakho manje-ke—manje-ke si... Yonke into inhle futhi inhle kakhulu. Futhi sifuna...

⁴⁶ Uma noma yimuphi wesitafu saleRamada Inn ekhona kulobubusuku, ngifuna ukubabonga, ngoba banikele lendlu kithi. Ngiyacabanga... Futhi benginga... Ngiyazi... Indlela

kuphela ebengiyazi, ngukuthi uMfowethu Tony ungitshelile ngakho. Ngikholwa ukuthi ku...ukuthi uma umuntu mumbe ubekulelidolobha, noma efuna iihotela labashayeli bezimoto, impela bengingakhangisa futhi ngibatshela ukuthi iRamada iyindawo abangaya kuyo.

⁴⁷ Uma abantu enalokho kunaka okukhulu nga...ngathi, nenkolo yethu, noKristu wethu, ngicabanga ukuthi besifanele sibenesibindi esenele ukusho into enhle ngabo, futhi sitshele wonke umuntu esingamtshela. Kunjalo. Kwangathi iNKosi ingabusisa lesisikhungo. Besihlala njalo siya ezindaweni zabo nomaphi lapho esiya khona ezwensi lonke. Besihlala njalo sinobumnene obungaka. NeBusiness Men isebezisa amahholo abo, iPhoenix nandawo zonke esingafinyelela kuzo, ukuba sibe nemihlangano nezingqungquethela. Futhi ngisho lokhu, bamnumzane abahloniphekile, uma nilapha, uNkulunkulu uSomandla anibusise kakhulu. Futhi ekupheleni komgwaqo, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uyovula iminyango yaKhe, futhi anenze nemukeleke eMbusweni waKhe omkhulu ngalesosikhathi.

⁴⁸ Bese kuthi-ke kusekhona into eyodwa. Nginenqwatsvana yezinto ezinamanothi abhalwe lapha, nezinye izindikimba engifuna ukuzisebenzisa emizuzwini embalwa. Kodwa, enye into, ukuthi nina bantu ninenhlahlia impela lapha eTucson. Manje, babehlala njalo bengitshela ukuthi iTucson yayiyindawo esondele kunazo zonke emahayidese eyayikhona, ngoba kushisa kakhulu. Kodwa, ngiyanitshela, ngikujabulela ngempela lokhu. Ngani, ekhaya lami ukuba bekushisa kanje, ngani, u—ubungeke ume lapha ufake ibhantshi, isishayisamoya sivuliwe. Bekungaba yi...Ubuyojuluka nje. Awu, angikaze...Ngisebenze kanzinyana, futhi angikaze ngisukume nginomjuluko namanje.

⁴⁹ Awu, ngiyayithanda le. Nibuyeleta ini eMpumalanga, nge—ngesikhathi sasehlobo na? Nansi indawo yokuba nize kuyo. Lena yinhle. Incono kaninginingi kunexhaphozi lakithi emuva lapho, empeleni. Ngakho, ngiyayithanda le. Futhi ngithembala ukuthi iNKosi enhle ingivumela ngibuye, ngigudluke ngiphume lapha ndawondawo bese ngihlala. Futhi ngiyithanda ngempela lendawo.

⁵⁰ Nenye yezinto ezinkulu, izehlakalo, enye yezimo ezinkulu zendawo, kusobala, ngabantu, okwenza indawo. Ngi...Ngisho nasezitolo zenu, yonke into, nedolobha lezivakashi, ngibe nokunye kokuphathwa kahle okudlula konke, abantu abahle ukudlula bonke, selokhu ngibe seTucson, ebengingafuna njalo ukuhlangana nabo.

⁵¹ Kwase kuthi-ke ngenkathi ngingena, ngavula umsakazo wami, ngase ngithola isiteshi lapha njalonjalo esingasakazi lutho kuphela umculo wamaKristu. Yisiteshi iKAIR. Futhi ngifundile

nje namhlanje, ukuthi ikomkhulu labo lilapha eRamada. Niyazi ukuthi ngenzeni; uma abanye besitafu seKAIR elapha. Ngithenge umsakazo ukuba nje uhlale uvuliwe ngasosonke isikhathi, ukuze abantwana bami nekhaya lami bakwazi ukuzwa into efanele.

⁵² Ngokuba, cishe impela zonke iziteshi enizivulayo, kuhlala njalo kungolunye uhlobo lwalodum-dum, kumbe noma ngabe leyonto iyini, no-nomculo wokuzibinya, nalo lonke lolu olunye uhlobo lombhedo abanalo namhlanje. Futhi-futhi awuyizwa into. Futhi ngicabanga ukuthi nina maKristu, nifanele nenze yonke into eningayenza ukugcina lesositeshi silapho. Kunjalo. Futhi nisivule ekhaya lenu, lapho abantwana benu bengezwa into efanele.

⁵³ Manje, niyoza wa zonke izinhlobo, kusobala. Wudaba olungakhethi hlelo, futhi noma yiluphi uhlobo lokushumayela, noma yini. Ningahle ningavumelani nabanye babafowethu, ngohlelo lwabo. He, uma sonke sihlale phansi ukuba sidle kulobubusuku, futhi sonke besinophaya, ngingahle ngithathethe uphaya wokusamathunduluka, bese wena uthatha iaphula, kodwa sonke sidla uphaya. Awudli wona na? Kunjalo. Ngakho, nje, bangabafowethu. Futhi banelungelo ukuzwakalisa lokho abakucabangayo.

⁵⁴ Futhi ngakho hlalani niwuvulile nje umsakazo wenu, bese nilalela lowomculo omnandi. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi ngi—ngiyawuthokozela. Ngi—ngifisa sengathi bengingasithatha ngiye naso ekhaya, iKAIR, bese ngisibeka eLouisville ndawondawo, isiteshi esinjalo, esisakaza umculo wamaKristu ngaso sonke isikhathi. Ngiyasithanda leso. INKosi isibusise lesositeshi, iKAIR.

⁵⁵ Bese kuthi-ke, kukhona esinye isiteshi phandle lapho. Angisawakhumbuli a—amagama kuso, kodwa naso futhi sinenqwaba enhle yomculo wezenkolo. Futhi ngiyananitshela; ngithemba ukuthi angiyiphoxi indoda ngokuthi ngilalela uMfowethu Gilmore ngaso sonke isikhathi. Ukulesositeshi ngesinye sesikhathi. Futhi ngiyakohlwa nje ukuthi isiteshi siyini. Kodwa nabo futhi bane...KAIF? [Umfowethu uthi, “Qhaqo, iKFIF.”—Umhl.]. I-KFIF. Leso ngesinye isiteshi esihle. Siyabathokozela, nabo.

⁵⁶ Ngiyazi, kufana nesisho esidala nje, uma sibala izibusiso zethu, siqalaza, kuthi ukumangaza ukubona ukuthi bangaki abantu abalungleyo osasele ezweni, futhi zingaki izinto ezinhle esisenazo. INKosi ayidunyiswe. Ngiyajabula ukuba ngowaseMelika. Ngiyajabula, njengesithunywa senkolo, ngivela kwamanye amazwe, kanjalonjalo, futhi ngingena ekhaya.

⁵⁷ O, kungibangela usizi ukubona indlela, ukuthi siphila ntوفونتو kanjani, nalolonke izwe libulawa yindlala. No-nokubona izindawo ezinhle, ibandla elihle elikhulu kuwo onke

amakhona, na—nalabobantu abampofu laphaya, nabaningi babo akaze bezwe ngisho nangeGama likaJesu Kristu.

⁵⁸ Nganginabafana abamnyama abancane bama ngezinkulungwane, izinyembezi zigobhoza ezihlathini zabo, bengabhethe ngisho nesiqeshana sezingubo zokugqoka, bengazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele, nje bahlale imini yonke nobusuku bonke, behlezi lapho, bengilalele ngikhuluma ngeNkosi uJesu, niyabo, bengakaze baLizwe ngaphambili. Ngibatshele ukuthi—ukuthi ukhona umuntu othize obathandayo. O, he. Yilokho abafuna ukukuzwa, into ethize e...umuntu othize obathandayo.

⁵⁹ Ubani ongafuni ukuthandwa na? Sonke siyakufuna lokho. Sonke siyakudinga. Bese kuthi-ke, indlela yokukuthola, ngukwenza...thanda omunye umuntu othize, khona-ke uzothandeka.

⁶⁰ UNkulunkulu anibusise nonke. Ngithemba ukunibona ekuseni ekudleni kwasekuseni, labo abangaphumelela. Futhi ngicabanga ukuthi bazobe bethengisa amathikithi eofisi ekuseni futhi. Futhi uma nizela ukudla kwase kuseni, ngani, ngiqinisekile sizothola omunye futhi utiligi omn cane uma sinamakhekhe amapanikuku. Bese kuthi-ke...Futhi mhlawumbe abanye abawadingi njalo amanangi kangako, niyazi. Futhi ngakho uma ngi...

⁶¹ Ngesinye isikhathi, ngangishumayela ebandleni leMissionary Baptisti ezansi eGeorgia. Kwakuyi... Ngashumayela phezulu le ebusuku, futhi ngaba nokubizela ealtare okukhulu. Ngi...Kwase kuleyithi. Futhi ngangilele egosini elingemuva, nomoya uvunguza ungena, igosi elidala elinesikrini phakathi. Futhi ngangi—ngangikhathele. Bayavuka, ngelesine nqo, ezansi lapho. Futhi ngakho owesifazane omdala oyikhaladi uyaphuma. Wangibiza, kathathu noma kane. Futhi angikukhohlwa neze. Wathi, “Parson.” Lokho kuchaza ukuthi “mshumayeli,” ezansi lapho. “Parson,” wathi, “sithandwa, awuvuki ngani na?” Wathi, “Sengiwaphekile amakhekhe akho amaflep-jeke kane vele.” Ayibusiswe inhliziyo yakhe endala. Wayethi akabe namashumi ayisikhombisa ngaleyonkathi. Ngiqagele useye eNkazimulweni manje, futhi uphumule. “Ngipheke amakhekhe akho amaflep-jeke kane, vele, kulokhu ukusa.”

⁶² Manje, wonke umuntu uyayithanda iNkosi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngijabula kakhulu. Anijabuli yini ukwazi, nje, ningakhululeka, futhi nizizwe nithokozile, futhi kungekho kulahlwa na?

⁶³ Futhi ngifuna ukubonga labosicula-ngabane abancane lapha ngokusala. Ngiyazi bebehlelwe ezinye izindawo. Futhi bathi...Ngizobe ngingilalele, emarekhodini enu. Nginawo

amanye awo, namateyipu, nezinto. Ngicabanga ukuthi nikahle kakhulu.

⁶⁴ Nalentombazane encane lapha. He, o, he! Yona, ingumzwilili ingxene. Ikwazi ngempela nje ukucula ngempela, nabafana abancane, nabo. Futhi ngitshele lowomfo omncane, umfo omncane ofaka izibuko. Ngahlangana naye ngobunye ubusuku, ngase ngithi, “Ndodana, uzokwenza ibhesi, ngolunye lwalezizinsuku.” Wathi ukuhleka, wayesebuka ngaphezu kwalezozibuko. Ngathi, “Uthe ukumangala ukuthi ngikusho kanjani.” Ngathi, “Awu, uzwakala njengenyosi ebubuzayo kujeke manje.” Futhi Wathola ukukhahlela kwakhe waphuma kulokho. Futhi bangabantu abakahle. INkosi inibusise.

⁶⁵ Ngicabanga ukuthi ngibe nomama ngokuyikho ngenkathi ngisho lokho. Kulungile. Ngaba nelinye inenekazi ngobunye ubusuku. Futhi ngicabanga ukuthi lona ngubaba phandle lapha ndawo ndawo. Umuntu othize ukhombe ngapha kubaba. Yebo. Kulungile. INkosi imbusise. Futhi ngithemba ukuthi izindlela zethu zabahamba ngezinyawo ziyaphambana futhi ndawondawo empilweni. Uma kungakwenzi, siyothola isango lapho ngalokho kusa. Kunjalo. Manje, ngaphambi kokuba si . . .

⁶⁶ Emva kokuzizwakalisa qobo lwethu ngendlela esibe ngayo, futhi ngiyakholwa ukuthi injabulo ihambisana namaKristu. Angikaze ngidabukele ukuthi bengingumKristu. Ngiyajabula njalo ukuthi ngingumKristu. Futhi, o, izinsimbi zenjabulo iklahile enhliziyweni yami manje okweminyaka engamashumi amathathu nanhlanu selokhu uJesu Kristu afika enhliziyweni yami. Angikaze ngikuzikalise. Kuyinjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo. Kodwa manje, njengoba sisondela eZwini, asibeke nje eceleni ihlaya lethu elincane, futhi—futhi asibuke ngqo eZwini manje, okomzuzwana nje.

⁶⁷ Nkosi Jesu, manje Wena sisize, njengoba sifunda iZwi. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu owathunyelwa ukuba abe nguThisha wethu, wathunyelwa ukusikhulisa, nokusifundisa izinto nendlela kaNkulunkulu, kwangathi Angeza manje futhi athathe iZwi, futhi aLinikeze inhliziyo ngayinye njengoba nje sinokudinga. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

⁶⁸ Manje, uma nifisa ukuphenya emBhalweni engifuna ukuwufunda, utholakala kuMathewu oNgcwele isahluko 14, futhi sizoqala evesini la 22.

UJesu wayesencindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.

Esezimukisile izixuku, wenyukela entabeneyedwa ukuyokhuleka: sekuhlwile, wayeyedwa lapho.

Kepha umkhumbi manje wawusuphakathi kolwandle, ushukunyiswa ngamaza: ngokuba imimoya yayiphambene nabo.

Ngomlindo wesine ebusuku uJesu wesuka waya kubo, ehamba phezu kwamanzi. (Noma ngiyaxolisa.) . . . ehamba phezu kolwandle.

Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yithongo; bakhala ngokwesaba. Kodwa uJesu ngqo . . .

Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yimina; ningesabi.

⁶⁹ Manje, ukuba bengizobiza lokhu ngendikimba . . . Futhi ngizama ukugcina imilayezo emincane ilula futhi ifana nomdlalo wasesiteji, ukuze kuthi abafo abancane bakwazi ukuwujabulela. Futhi ngizobiza lokhu ngendikimba, le: *Ningesabi*.

⁷⁰ Amagama amathathu, ngiwasebenzisa inqwaba yezikhathi: *Uyakholwa yilokhu na?* nokuthi, *Wozani, Nibone UMuntu*. Futhi kuyizindikimba ezincane ezimagama-mathathu.

⁷¹ Futhi manje ngifuna ukusebenzisa lokho kube yindikimba: *Ningesabi*. Bese kuthi-ke okwendaba, ngizosebenzisa lokhu, "Umhlangano wobufakazi olwandle."

⁷² Kufanele ukuthi kwase kuthi ukuba leyithi ntambama. Ilanga cishe nje lase lishonile; kwase kuhwalala; futhi bonke bekhathele futhi bekhandlekile. Kade kulusuku olukhulu egenjini. Omkhulu, onkonyane zinemisipha, umdobi onempandla wayefuqa isikebhe esikhiphela olwandle lwaseGalile. Futhi lapho ekugcineni esentantisa ikhala lomkhumbi, wakhwela wagibela wayesehlala phansi eceleni komfowabo, uAndreya. Kwakubizwa kanjalo, eBhayibhelini, umkhumbi.

⁷³ Manje, umkhumbi akusiwo lowo esiwubiza ngomkhumbi namhlanje. Imikhumbi ngaleyonkathi iningi layo yayihanjiswa ngezigwedlo. Futhi babene . . . Izintango ezizungeze isikebhe esinqeni saso zaziphakeme, futhi ngoba amagagasi amakhulu afika olwandle lapho kanangi impela, futhi babefanele babe nezinhlangothi eziphakeme. Futhi ngokujwayelekile amadoda amabili esigwedleni ngasinye, ehlezi kwinganhlanye lomkhumbi, nomunye wesinye, futhi ngezinye izikhathi, amadoda ayisithupha noma ayisishiyagalombili edonsa emkhunjini. Babengabadobi abahwebayo ngaseGalile. Futhi banakho namhlanje. Akukashintshi ngisho nakancu selokhu kwaba yilolusuku. Kusafana, badoba ngendlela efanayo, uhlobo olufanayo lwamanetha, nayo yonke into.

⁷⁴ Manje, futhi lapho bejkisa umkhumbi base beqala, ugu lwalugcwela abantu. Futhi babethi ukushaya kibili ngezigwedlo zabo, bese bevayizela ngemuva bebavalelisa. Futhi wonke umuntu ethi, "Nibuye nizosibona futhi. Niqiniseke ukuletha iNkosi yenu uma senibuya ukuzosibona futhi." Babesendleleni bewela ulwandle, futhi kwakuyibangana impela.

Futhi babedingeka badonse kanzima ukuba bafike lapho ngalobobusuku.

⁷⁵ Ngakho sengathi ngyabona ngenye indlela ukuthi bazizwa kanjani. Kwakukade kuwusuku olukhulu. Babebone okubonwayo okukhulu kwensiwa. Abanangi babekade besindisiwe futhi bakholwa eNkosini uJesu. Futhi babekade benosuku olunzima kakhulu, beqhelisa abantu eNkosini yabo, ukuze Ikwazi ukubakhonzisa, ukuletha ukuPhila kwabalahlekile. Futhi babekhathele futhi bekhandlekile.

⁷⁶ Kodwa, nokho, ukushiya abangani babo, kunento ethize ngokushiya abangani, uma senizothi salani kahle. Leyo yi—leyo yinto embi kabi. Futhi ngizwa ngaleyondlela, ngingabuzwa lobo bukhulu bomthwalo ababenabo, ngoba ngyazi ukuthi kukanjani ngami. Ngesikhathi usujwayelana neqembu labantu, baqala nje ukwazi ukuthi awusibo ubuntu obuthize obukhulu, ungumfowabo. Futhi—futhi baqala uku... Yonke into iqala ukuzizwa ikahle. Bese kuthi-ke uzodingeka uthi, “Nisale kahle. Ngi—ngiyobuye ngingibone ngesinje isikhathi. Ngethemba kanjalo.” Leyo yinto elukhuni ukuyenza.

⁷⁷ Ngibheke isikhathi lapho siyobonana khona lapho esingasoze sathi nisale kahle, ngale kwelinje iCala. Nabanye babaflowethu bami abadala abaligugu lapha nophathini abazingelayo, ngiyo—ngiyobonana nani ezansi ngakuleyo mizila emikhulu yezinyamazane emuva lapho ndawondawo, lapho engapheli khona neze. Ngiyobe ngingicinga ezansi ngasemgwaqeni, uma ngingabuyi ukuzonibona futhi ngaphambi kokuba sithathwe.

⁷⁸ Futhi bafanele ukuthi bavayizela kanjani. Futhi babedonsa amagagasi ambalwa, bese bephinda bevayizela. Futhi ekugcineni, lapho ulwandle luthula, lapho nje ilanga lishona, isikebhe esincane sifuqa indlela yaso siwela, ngamandla ezigwedlo. Babeshaya kambalwa, bese-ke bevayizelisa ngezandla zabo, futhi bevalelisa. Futhi manje-ke—manje-ke omunye umuntu wayemkhumbula omunye umuntu, bese ubavayizelisa ubavalelisa. Nalokho kufanele ukuthi kwakukade kuyindlela umkhumbi owawuhamba ngayo uphumela emanzini amanangi. Futhi ekugcineni, ukuvalelisa kokugcina kwashiwo, ngangokuzwa kwabo.

⁷⁹ Futhi kufanele ukuthi kwakukade kukhona ukuthula du okude. Kungekho muntu osho lutho, ngoba babefanele bafuqe umkhumbi omncane uqhubeke. Futhi babethe ukuba nokufana nesigqi, lapho begwedla lemikhumbi bonke kanyekanye, ngoba wawungawusonta uma ungakwenzanga. Futhi ngakho babegwedla ngesigqi, futhi ngahle ukuba base bethe ukukhathala.

⁸⁰ Kufanele ukuthi kwakunguJohane osemncane owathi ukunikeza kuqala, futhi wayefuna ukubamba umoya wakhe,

njengoba sikubiza kanjalo. Wayesemncane futhi esathambile nokho. Futhi wayengaquinile njengalabo badobi abadala abanemisipha ababekade besezilwandle, neziphepho, babedonse lezozikebhe. Futhi ufanele ukuthi wakhathala kuqala. Ngakho ngahle ukuba wathi, "Hwewu, bazalwane, ake siphumule umzuzwana nje." Futhi lapho ema, wayesepulula izinwele zakhe ezimnyama zibheka emuva emehlweni akhe, nomkhumbi omncane wawugudla udabula emanzini, uhamba uya phambili, sengiyamuzwa eqala futhi ethi, "Ngizwa sengathi ngithanda ukufakaza."

⁸¹ Ngi—ngiyakuthanda lokho. Ngithanda umhlangano omuhle wobufakazi uma unento ozofakaza ngayo. Manje, uma ungenalutho, usukume nje bese usho into efanayo oyisho ebusukwini bangayizolo nangonyaka odlule, lokho kuyakhathaza. Kodwa uma unobufakazi obusebusha ngempela ongeke nje usabugodla, iNkosi ikwenzele into ethize, futhi uzofanele uyibhodloze nje, ngyakuthanda lokho.

⁸² Sasivame ukukubiza ngokuthi, ekhaya, ubufakazi bukapepukhona. Manje, bangaki abaziyo ukuthi yini upepukhona na? Ngifuna ukunitshela ukuthi wenzani. Uthatha uhlamu olucane oluyelo, bese ulubeka phezu kwesitofu esishisayo, futhi lugxuma luye phezulu le emoyeni luyelo, lujika lube mhlophe, lubuye selulukhulu ngokuphindwe kabilis ebungakweni balo futhi selulula uhhafu, selusinda uhhafu, njalo, njengoba belunjalo. Ngubufakazi. Niyabo? Benzenjalo-ke ubufakazi. Uyelo omncane, wesaba ukwenza noma yini, bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, amandla nomlilo kaMoya oNgcwele ayakushaya futhi akuphendule ubemhlophe, usuka ekubeni yelo. Futhi uzizwa ulula kakhulu, uvele nje, uyabo, awusagxilile ekwehange emhlabeni. Ngakho ngyabuthanda ubufakazi bukapepukhona.

⁸³ Kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane owayefuna ukunikeza obubodwa. Wasukuma esikebheni wayesethi, "Awu, ngifuna ukufakaza kuqala, futhi ngisho lokhu sisaphumule. Ngeneliseke ngokuphelele futhi ngiqinisekile, bazalwane bami. Namhlanje kukuxazulule emqondweni wami ukuthi asilandeli lona uhlubo oluthize lohinya, njengoba lonke izwe lifuna ukusenza sikholve ukuthi sinjalo. Silandela Lowo umBhalo owakhuluma ngaYe. Kukuxazululile namhlanje. Ngifuna ukunikeza ubufakazi bami."

⁸⁴ "Ngazalwa futhi ngakhululiswa ngale eJordani. Ngisakhumbula, eminyakeni eminingi edlule, ngenkathi ngihlala ezingwini zeJordani, ngisondele nje ezibukweni lapho uIsrayeli awela khona neqhawe elinamandla, uJoshuwa. Wathatha umphongolo wesivumelwano, noMoya oNgcwele wavula genelezi ulwandle, i...noma ijordani, base beweleta ngaphesheya, bonke abantu bakithi, emhlabathini owomile, ngenkathi siza kulelizwe.

⁸⁵ “Ngiyakhumbula, entwasahlobo, ukuthi ngangivame kanjani ukuphuma bese ngikha izimbali ezincane ngaso—ngasogwini IweJordani. Nangalapho, ntambama, ngisamuzwa umama wami engibiza, namanje, futhi ethi, ‘Manje, ngena, Johane. Futhi u—ufanele uyolala embhedeni. Ufanele uthathe isihlwathi sakho. Abafana abancane bafanele bathathe isihlwathi sabo esincane ntambama.’ Futhi wayehlala phandle phezu kwegosi elingaphambili, futhi angithunduzele ngezingalo zakhe. Futhi sengiyabubona ubuso bakhe obuhle, namanje, lapho awakhe amakhulu, amahle, amehlo ansundu eJuda engibuka phansi. Futhi wayengioxela izindaba zeBhayibheli.”

⁸⁶ Futhi, niyazi, kubi kabi ukuthi omama bethu ngeke bakwazi ukuzigcina ngaphandle kwebhodlela-sitolo isikhathi eside ngokwanele, namhlanje, nangaphandle kwezindawo okungafanele babe kuzo, futhi bathunduzele abantwana babo futhi futhi babaxoxele ezinye izindaba zeBhayibheli. Yileyo inkathazo ngesizwe sethu namuhlanje. Bona, noma yisiphi, cishe impela, noma yimuphi umntwana emgwaqeni angakutshela kakhulu ngoDavey Crockett kunoma bangakutshela ngoJesu Kristu. Lokho kunjalo. Nokuthi izwe lezohwebo likuthatha kanjani lokho! Futhi, he! “Khulisa umntwana ngendlela okufanele ahambe ngayo.” Kuqinisile.

⁸⁷ Manje, “Futhi yena,” wathi, “wayevamise ukungioxela izindaba. Nenye yezindaba ezinkulu engangiyithanda ukuzedlula zonke, yayi... Ngaphandle kwaleyo, umfana omncane u—uElija umprofethi omkhulu amvusa ekufeni, ngangivame ukuyithanda leyondaba, futhi ngiyamangala ukuthi hlobo luni lwendoda uElija afanele ukuthi wayekade eyilo. Futhi wayethi kimi, ‘Uyazi ukuthini, Johane na? Lowo Elija omkhulu ofanayo noElisha, bobabili, behla ngqo ngalowomgwaqo lapho, bebambene ngezingalo, behlela emfuleni. Cabanga nje, kungekudala bakwenza lokho. Lababaprofethi abakhulu ababili behlela emfuleni, nomfula wavuleka genegelezi. Bedlula ngaseJeriko ngqo.”

⁸⁸ Manje, “Kodwa indaba enkulu eyayihlala njalo ingibamba, angioxoxela yona, ngifuna angioxoxele yona njalo ngosuku, ukuthi uNkulunkulu wabakhiphia kanjani abantu bakithi ebugqilini eGibhithe lapho ababeyiziggila khona, futhi wabafaka ehlane, futhi wabagcina phandle lapho iminyaka engamashumi amane, futhi wabondla ngokuphuma eZulwini. Ngani, wayengioxela lokho, njalo ebusuku, ukuthi babephuma ekuseni emva kokuba uIsrayeli esejisonge wonke embhedeni futhi eselete, sengathi wayelungiselela ukungibeka embhedeni. Niyazi ukuthini? Wathi uJehova uNkulunkulu wehla, futhi ngokusa okulandelayo kwakukhona isinkwa sibekwe yonke indawo emhlabathini. Esasibagcina usuku lonke.

⁸⁹ “Futhi ngangivamise ukuthi kuMama, ‘Mama, ngabe uNkulunkulu unekhorasi leziNgelosi elikhethekileyo phezulu

lapho, elisebenza ngesikhathi sasebusuku; futhi unenqwatshana enku lu yohhavini kuwo onke amaZulu, futhi Wayethi, “Manje, sheshisani manje, lababantwana balambile; futhi nibhake sonke lesisinkwa”? Bese kuthi elinye iqembu leziNgelosi lisithathethe lisehlise bese lisibeka yonke indawo emhlabathini?

⁹⁰ “Wayengibheka, bese ethi, ‘Qhabo, Johane, s’thandwa. Usengumfanyana nje. Awuqondi. UJehova wethu omkhulu unguMdali. Akadingi ukuba neziNgelosi ezikhethekile ukuba zibhake isinkwa. Akadingi ohhavini eZulwini. Uvele akhulume iZwi nje, nesinkwa sehlele kuyoyonke indawo phansi. UnguMdali.’ Futhi ngangingaqondi ukuthi lokho kwakuba kanjani. Kodwa indaba eyayihlala ingibamba njalo, ngandlela thize.

⁹¹ “Futhi ngibhekisise iNkosi yethu ezintweni eziningi, zokuphilisa abagulayo, nokunjalo. Kodwa, namhlanje, bazalwane, ngenkathi ngiMbona ephakamisa lawomabhesikidi amahlanu nalezozinhlanzi ezimbili, kuluwomfanyana obekuyilantshi, obebakela isikole. Ngenkathi ngiMbona ethatha lezo, wayesethi, ‘Wabangela, abantu ukuba bahlale phansi ngamashumi amahlanu.’ Ngithe nje ngingahlalisa amashumi ami amahlanu phansi, ngagibela phezu kwalelodwala ngase ngibukela, ukubona ukuthi Uzokwenzani. Futhi ngenkathi Ethatha leloqatha, ulofu wesinkwa, wayesehlephula uhhafu waso, wase ewubeka epletini, futhi ngesikhathi Ebuyisela isandla saKhe emuva futhi, bese kukhona omunye uhhafu wolofu wesihleshuliwe... isinkwa esibhakiwe.

⁹² “Manje, kukhona ukuxhumana okuthize phakathi kwaKhe noJehova, ngoba Ubedala lesosinkwa naleyonhlanzi, khona lapho phambi kwami. Akekho omunye obengenza lokho kodwa uJehova. Nalowo nguNkulunkulu ofanayo umama wami angioxoxela ngaye, ehlane emuva lapho, Owehlisa isinkwa, kusukela kokudaliweyo, sivela eZulwini. Thina, ngamehlo ethu uqobo, siMbonile namhlanje edala isinkwa phambi kwethu ngqo.”

⁹³ Nake nacabanga ukuthi hlobo luni lwe-atomu Afanele ukuthi waludedela na? Wavelaphi uflawa na? Kungesiwo uflawa kuphela, kodwa wase uvele ubhakiwe kulofu futhi usulungele ukudliwa. Wayenezinhlanzi. Wakhlisa izinhlanzi endaweni yokuqala. Kodwa manje Uhlephula izinhlanzi, uhhafu, zibe mbili, nenyi inhlanzi yayikhula lapho, kodwa lenhlanzi evela lapho isivele iphekiwe futhi yabhakwa, futhi yakhula, nayo. Wenzani na? O! UnguNkulunkulu. Ukukukhuluma nje, yilokho kuphela Azokwenza. U... Ku...

⁹⁴ Manje, umfanyana, leyo lantshi encane ayenayo, yayingenengi kakhulu ezandleni zakhe, kodwa ngenkathi ededela lokho ayenakho kungene ezandleni zikaJesu, kondla izinkulungwane. Futhi mhlawumbe lokho kukholwa

okuncane... Wena uthi, "Awu, ngifisa sengathi ngabe benginokukholwa okukhulu." Kodwa lokho kukholwa okuncane onakho... Unokukholwa okwenele ukuba uze ebandleni. Bese kuthi-ke, uma unalokho kukholwa okungako, awukunikeli ngani nje ezandleni zikaJesu, futhi kuyokondla izinkulungwane. Uma u... Akukho okuningi ezandleni zakho. Kodwa uma kuke kwaba sezandleni zaKhe, khona-ke kuzokwenza izimangaliso uma udedela lokho kukholwa kube sezandleni zaKhe.

⁹⁵ Qaphelani. NoJohane waxhuxhuma ngakho konke. Ngizwa uAndreya ethi, "Awume kancane, ndodana! Ungasingqangqazelisi leso sikebhe kanjalo. Thatha isikhathi sakho. Ungaxhuxhunyiswa kakhulu yilokhu, uyazi. Empeleni, siphandle lapha kulolulwandle."

⁹⁶ "Awu, kwenza inhliziyo yami nje ixhuxhume kakhulu," wathi, "ukubona, nokwazi ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzembule Yena uqobo lapha kithi, uMuntu esingamthinta. U—Uyi..."

⁹⁷ Akumangalisi, umprofethi wathi Uyoba nguEmanuweli, ukuthi uNkulunkulu wayezomelwa lapha kuYe. Futhi siMbona enza imisebenzi efanayo uBaba ayenzayo. Akumangalisi Wayekwazi ukutshela labobaFarisi, 'Uma Ngi... Ubani ongaNgilahla ngesono na? Ubani ongaNgibeka icala na? Uma yonke into iBhayibheli elathi Ngiyoyenza, uma Ngingayenzanga!"'

⁹⁸ Niyazi, isono ngukungakholwa, niyazi. Benazi ukuthi ukuqamba amanga akusiso isono na? Ukuphinga, lokho akusiso isono. Ukuphuza ugologo, ukubhema osikilidi, ukuthuka, usebenzise iGama leNkosi, lokho akusiso, lokho akusiso isono. Lokho yimiphumela yokungakholwa. Wenza lokho ngoba awusilo ikholwa. Sinye kuphela isono.

⁹⁹ Ngakusho lokho ngobunye ubusuku ebandleni leMethodisti. Nodade omdala emi lapho, niyazi, nokhololo uphakeme kakhulu, wathi, "Mfu. Branham, ngiyacela ngitshele, yini isono na?"

Ngathi, "Ukungakholwa." Kunjalo.

¹⁰⁰ Wenza lokho ngoba ungongakholwayo. Uma wenza lokho, usalokhu ungongakholwayo. Kunjalo. Kunezinto ezimbili kuphela: uphakathi kokuthi uyikholwa, noma awusilo ikholwa. Ngakho-ke iBhayibheli lathi, "Ongakholwa uselahliwe vele." Niyabo? Ngakho isono iyonanto kuphela, lokho yimiphumela yokungakholwa.

¹⁰¹ NoJesu wathi, "Ubani ongaNgibeka icala lokungakholwa na? Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, futhi nokho ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo." Ngakho, niyabo, lapha Wayenza into efanayo uNkulunkulu ayenzayo.

¹⁰² Manje ngifuna ukunibuza, bazalwane. Uma ukuPhila kukaJesu Kristu kuseBandleni, khona-ke impela iBandla lifanele lenze into efanayo Ayenzayo, ngoba ukuPhila okufanayo kukuLo.

¹⁰³ Uma lapha kumi isihlahla samampentshisi, bese ngikhiphia konke ukuphila kwepentshi kuso, bese ngifaka ukuphila kwe aphula kuso, nhloboni yesithelo esiyoyithela na? Ama aphula. Yilolohlobo lokuphila olukuso.

¹⁰⁴ Awu, manje-ke, uma ukuPhila okwakukuKristu kukithi, Kuyothela izithelo Azithela. Kufanele.

¹⁰⁵ Futhi ingxube enje—enje abantu angene kuyo, namuhla, lokho, cabangani lokho, ukuthi ubuKristu bungenye yezinto ezithambe kunazo zonke. “Abakwenzayo kuphela ngukufaka igama labo encwadini, futhi babe nomuntu othize ukuba abafafaze, noma enye into ethize, bese enika umfundisi isandla sokunene senhlanganyelo. Futhi yilokho kuphela okukhona kukho. Baqhubekele phandle.” Lobo abusibo ubuKristu.

¹⁰⁶ UbuKristu ngukuzidela. “Thabatha isiphambano sakho nsuku zonke. UMLandele.” Lotha, ezintweni zezwe. Uma konke ukulahlwa kungasekho, “Ngakho-ke manje akusekho ukulahlwa kwabakuKristu uJesu.” Ungena kanjani kuYe na? Ngokujoyina na? Qhabo. Ukuxhawula na? Qhabo. Ngenyunya na? Ngemfundo na? “NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye.” Ngombhaphathizo kaMoya oNgewe sikuKristu. “Futhi ngakho-ke akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa abahamba ngokoMoya.” Amen. O, lokho, lokho bekungenza noma yimuphi umuntu amemeze. Amen. Ukuba phakathi lapho, empeleni, leyo yingxenyenhele. Kulungile.

¹⁰⁷ Manje siyathola lapha, ukuthi, kumfo olandelayo ukuba asukume ukuba afakaze, kufanele ukuthi kwakukade kunguPetru. Sengiyamuzwa ethi, “Nginganikeza ubufakazi bami obulandelayo na?”

¹⁰⁸ Niyazi, uma unento ethize ukuba ufakaze ngayo, uciShe impela nje ufanele uthole imvume, ngoba ngempela kukhona ukuhamba. Nalomhlangano wobufakazi wawuhamba. Isikebhe esidala singqangqazela nje, nalabobazalwane bembambatha izinyawo zabo nje futhi benesikhathi esikhulu phandle lapho. Ngithanda sengathi ngangikade ngiphandle lapho! Beningethande ukuthi nanikade niphandle lapho futhi nalalela lobobufakazi na? UJohane omncane wadingeka ahlale phansi. Wayesesho konke ayengakusho ngalesosikhathi.

¹⁰⁹ USimoni wasukuma. Wathi, “Niyazi, ngenkathi uAndreya eqala ukwehlela lapho kuleyondoda, izwe elalicabanga ukuthi wayengolunye uhlobo Iwendoda yasendle, lowo Johane, ibandla lalicabanga ukuthi kwakuyindoda eyachezukela ekupheleni okujulile. Empeleni, uyise wayengumpristi. Futhi

u...Niyazi, kuyisiko phakathi kwabantu bakithi, ukuba indodana ilandele noma yini okwensiwa nguyise. Kodwa, niyazi, umsebenzi wakhe wawumkhulu kakhulu. Esikhundleni sokwehlela lapho kusosonke leso sikole esikhulu, futhi ethola ukufunzwa imfundiso ngalokho; ukuthunywa kwakhe—kwakhe kwakukukhulu kakhulu. UNkulunkulu wamkhiphela ehlane, futhi eminyakeni eyisishiyagalolunye ubudala.

¹¹⁰ “Futhi wazibonisa futhi eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, ngoba ukuthunywa kwakhe kwakungukwethula uMesiya. NoMesiya wayezoba nesibonakaliso, futhi wayedingeka azi ukuthi leso sibonakaliso sasiyini. Uma wayehlele lapho futhi waba nomunye womjovo wehlelo kuye, ngani, umuntu othize, omunye umbhishobhi omkhulu wayeyothi, noma umpristi omkhulu ophakeme wayeyothi, ‘Manje, buka lapha, Johane, siyazi uzo—uzokwethula uMesiya, njengoba kwashiwo yi—yiNgelosi. Futhi uzokwethula. Awucabangi ukuthi uMfowethu *Sibanibani* lapha uhlangabezana nje nalo i—ithikithi impela na?’ Wayengahle anikele kukho. Kodwa, niyabo, wazehlukanisa nayo yonke into, ukuze akwazi nje ukulalela futhi abone ukuthi uNkulunkulu wathini ngakho.”

¹¹¹ Futhi ngicabanga ukuthi leso yisifundo esihle sethu kulobibusuku. Uma sizozehlukanisa nayo yonke lemibhedesho eyenziwe ngumuntu nezivumokholo, nezinto, futhi sibuke eBhayibhelini futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wathini ngakho. Ufanele azi ukuthi yini eqinisile. YiZwi laKhe, iNcwadi yaKhe. Yingaleso sizathu ngithanda iVangeli eligewe, hhayi uhhafu walo; konke okwaLo, iVangeli eligewe.

¹¹² Manje, futhi manje—ke—manje—ke wathi, “Into yokuqala, niyazi, nakhu kufika uAndreya egijima engena, futhi ethi lomshumayeli uthe wabona isibonakaliso sikaMesiya phezu koMuntu. Kwakungu—ngukuKhanya, njengejuba lehla, no—nomshumayeli walibona. Futhi kwakukhona abaningi lapho, futhi akukho muntu omunye ovalibonayo kodwa umshumayeli. Ngakho kwakuluhuni ukuthi ngihambisane nalokho. Ngizwa zonke izinhlobo zezinto, ngakho ngavele ngakhohlwa ngakho, niyazi. Futhi ngobunye ubusuku ufika kimi, wathi, ‘Ufanele wehle nje futhi uMlalele kanye. Uzoba sezansi lapha osebeni ngokusa okulandelayo, futhi ufanele wehle.’

¹¹³ “Awu, ngacabanga, ‘UAndreya omdala bandla. Yena nami sidonse lesisikebhe isikhathi eside.’

¹¹⁴ “Futhi ngiyakhumbula ngolunye usuku nganginegxoxo nobabai wami. Futhi wayengolungile, umFarisi omdala. Wayehlala nje kulelobandla; insika kulo. Nezinwele zakhe ezimpunga! Ngobunye ubusuku emva kokudoba . . .

¹¹⁵ “Sasimpofu. Sasidingeka nje siphile ngokuncanyana esasingakuthola. Futhi izikhathi eziningi, ngenkathi umama

nobabayi esaphila, wayevame ukusiqoqa sonke sibuthane ekuseni, ngaphambi kokuba siphume ukuba sifake amanetha ethu emanzini. Sasikweleta izikweletu, futhi sasifanele sibe nezinhlanzi. Futhi sasikhuleka kuJehova, ukuba—ukuba agcwalise amanetha ethu ngalolosuku. Nokuthi ubabai wayethokoza kanjani uma sifake okukhulukazi ukubanjwa kwezinhlanzi; bese siya ogwini, bese siphumela ogwini, bese sihlala phansi bese—bese sibonga uNkulunkulu ngokusipha izinhlanzi zangalolosuku. Ukuthi sasiya kanjani ukuyokhokha izikweletu zethu manje, futhi sibe nesizokudla okobusuku, bese sibheka ukusa okulandelayo!

¹¹⁶ “Futhi ngobunye ubusuku, emva kokuba sesiqedile ukubonga iNkosi, ngiyakhumbula ubabai ehlala phansi eceleni kwentambo yokudonsa useyili yesikebhe. Futhi wangibizela laphaya, wayesethi, ‘Simoni, uyazi, bengilangazelele, yonke impilo yami, ukuba ngiphile ukuba ngibone usuku lapho ngiyobona khona uMesiya. Futhi sethenjiswe Yena, iminyaka eminingi. Bonke abantu bakithi ubebheke Yena. UMose wasitshela ukuthi Wayeza. Bonke abaprofethi ukhulume kuYe. Kodwa, Simoni, ndodana, kade singenamprofethi phakathi kwethu amakhulu eminyaka. Futhi ngenkathi ibandla selichezuкеle ekubanden, isimo sokugcina umthetho ngegama nje, kodwa ngikhola ukuthi siyasondela isikhathi. Uma ubona izinwele zami ezimpunga... Angiboni ukuthi ngiyophila ukuba ngisibone. Sengimdala manje.’

¹¹⁷ “Kodwa, Simoni, ngaphambi kokuba uMesiya afike, uSathane uyothumela inqwaba yezinto ezingamanga, kuqala, futhi kuyobakhona omesiya bamanga abafikayo. Kodwa ngifuna wena ukuba njalo ukhumbule, Simoni, ungawushiyi neze lomBhalo. Abantu bakithi batshelwa kuleliBhayibheli, ukuthi, ‘IZwi leNkosi liza kumprofethi, umprofethi kuphela.’ Futhi manje-ke, kuqala, lomprofethi uzofanele aqinisekiswe nguNkulunkulu. Uzofanele asho iZwi, neZwi lizofanele livezeke, izikhathi ngezikhathi.”

¹¹⁸ Bayazalwa. Abasuye nje umuntu othize nje abeke izandla phezu kwabo bese ebenza umprofethi. Bayazalwa. Kunesiphiwo sesiprofetho esingafika, kodwa umprofethi uzalwa engumpprofethi. UJeremiyा wayenguye. Ngani, uNkulunkulu wathi, “Ungakabunjwa ngisho nasesizalweni zikanyoko, Ngakubeka umprofethi phezu kwezizwe.” UJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili engakazalwa, uIsaya wathi, “Uyizwi lomemezayo ehlane.” UJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. WayeyiNzalo yowesifazane eyayizochoboza ikhanda lenyoka. Impela.

¹¹⁹ UNkulunkulu unguye. UNkulunkulu ubeka lezizinto. “UNkulunkulu umisile eBandleni abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli.” Zonke lezizinto,

uNkulunkulu uzibekile eBandleni. Manje-ke kuneziphewo eziyisishiyagalolunye ezechlukene okusebenza kuleloBandla. Kodwa lezi yizikhundla okuya eBandleni.

¹²⁰ “Futhi niyazi, wangitshela, wathi, ‘Ndodana, silandele uMose nomthetho wakhe. Manje, uMose wasitshela ukuthi loMesiya, uma Efika, uyoba ngumprofethi.’

¹²¹ “Ngakho ngicabange nje ukuthi ngizokwehla bese ngibona ukuthi ubengubani loMfo osemncane, eshukumisa onke lamadlingozi ezansi lapho.” Wayesethi, “Abantu uphiliswa nguYe, ngakho ngicabange ukuthi ngizokwehla. Futhi ngolunye usuku ngenkathi sesi—sesiwashe onke amanetha futhi sawendlala ogwini, Wehla ukuzoshumayela. Ngase ngizithathela isiqqiki, ngase ngihlala phansi phezu kwesinqamu sokhumi olulahlelwe osebeni ngamanzi, phezu kogu. Futhi ngenkathi Eqala ukukhuluma, nga—ngazi ukuthi kwakukhona into ethize ehlukile ngaloMuntu, ngoba Wakhuluma njengoMuntu owayazi ukuthi Wayekhuluma ngani.

¹²² “Futhi ngenkathi ngisukuma ngisondela kuYe, Wangibheka ngqo ebusweni, Wayesethi, ‘Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.’” Wathi, “Lokho kuthatha...Lokho kwangenela. Akusikho kuphela ukuthi Wafakazisa ukuthi ungumProfethi, Wangazi ngaphambi kokuba Aze angibone. Wangazi, kanti futhi Wamazi lowobaba wami omdala omesabayu uNkulunkulu, owangitshela ukuthi ukuthi leso kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya. Lokho kwangixazululela khona.” O, he! Wayexhuxhuma kanjani ngakho konke, naye!

¹²³ Futhi kufanele ukuthi kwakunguFiliphu owagxuma wayaphezulu, ngalesosikhathi, wathi, “Ake ngifakaze. Awume kancane. Akube yimi, ake ngisho okuthize.” Wathi, “Manje, Mfowethu Natanayeli, ungakhophozi.” Wathi, “Ngangimi lapho ngalesosikhathi, bazalwane, uma nonke nikhumbula. Futhi ngakubona lokho kwensiwa. Futhi ngazi ukuthi lokho kwakuyilokho okwakuyi—okwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Futhi niyazi, kwakungakabi yisikhathi eside kakhulu selokhu uFiliphu nami, lapho, sasikade sitadisha lokho emBhalweni. Ngakho ngiyajima ngizungeza intaba, laphaya cishe amamayela ayishumi nanhlanu, futhi ngasho, ngafumana uFiliphu phansi komuthi, ekhuleka. Ngase ngithi, ‘Filiphu, woza ubone esiMfumene, uMesiya, naLo uMose akhuluma ngaye; noJesu waseNazaretha, iNdodana kajJosefa.’ Futhi, Natanayeli, uyakhumbula ukuthi wena wathini na?”

“Ya, ngiyakhumbula. Impela ngiyakhumbula.”

¹²⁴ “Wathi, ‘Kukhona okuhle okungavela eNazaretha manje na?’ Ngase ngithi, ‘Woza, ubone’ Futhi ngenkathi sizungeza, uyakhumbula sikhuluma? Futhi ngakutshela ngaYe etshela uSimoni lokho, futhi ngakutshela ukuthi Angahle akutshela ukuthi ubungubani. Futhi wenyukela lapho, wathi, ‘Manje,

ngizofanele ngikubone lokho, ukuba ngikukholwe.’ Futhi uyakhumbula ukuthi wenyuka kanjani, nezandla zakho zisemva kwakho na? Futhi wathi nje ungafika eBukhoneni baKhe, uyazi ukuthi kwenzekani na?”

“Impela ngiyazi.”

“Wathi, ‘Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.’”

¹²⁵ “Futhi ngiyakhumbula ukuthi lokho kwakubohlisa kanjani. Futhi wena wathi, ‘Rabi, wake Wangazi kanjani na? Futhi ngilapha. Ngisanda kulethwa nje kulomhlangano. Futhi Uke wangazi kanjani na? Awukaze ungibone, empilweni yaKho. Ubuyoke uze ungazi kanjani na?’ Wathi, ‘Ngani, ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.’ O, ngiyakhumbula ukuthi wathini. Ugijimela phezulu kuYe wase uthi, ‘Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli.’”

¹²⁶ Kufanele ukuthi kwakunguAndreya owathi, “Manje sekuyiskhathi sami sokuba ngifakaze. Niyakhumbula ngalesosikhathi ngenkathi si—sicabange ukuthi sasehlela eJeriko na? Futhi siyazi, ezansi eJeriko, ukuthi leyompumputhe endala iphumela kanjani lapho ngalolosuku. Futhi yayi... Asikwazanga ngisho nokuyizwa idazuluka. Yayimpompoloza, iqhubeqa. No—nokuholwa kwayo kwamisa iNkosi yethu, futhi yakuthola ukubona kwayo.

¹²⁷ “Futhi niyakhumbula enhla eSamariya, ngenkathi sima enhla lapho, ukuba sehle futhi sithole ukudla na? Futhi—futhi ngenkathi sisahambile... SasiMfunu ukuba ehle nathi futhi sithole esingakudla, futhi Akakwenzanga. Akahambanga nje. Wathi, ‘Nginokudla ukuba ngikudle eningazi lutho ngakho.’ Ngakho ngenkathi sonke sithi nyelele sihlehlha, siMbone ekhulumha no—nowesifazane onegama elibi. Wayephawuliwe. Futhi sacabanga, ‘Yenzani iNkosi yethu enhla lapho emthonjeni, ikhulumha nalo wesifazane onegama elibi na?’ Ngakho niyakhumbula, sathi nyelele saya ngale, sajika, emva kwesihlahla, salalela ababekusho. Futhi Wathi kuye, ‘Sifazane, Ngiphuzise.’ Futhi samangala, ukucabanga ukuthi iNkosi yethu ingakhulumha nowesifazane onjalo.” Niyabo?

¹²⁸ Babengakaphenduki ngokugcwele. Sisenalo lolohlobo namhlanje, olucabanga ukuthi umKristu akafanele ukukhulumha nesidakwa noma nesifebe. Yilowomuntu abafanele bakhulumha nabo. Yilowomuntu abafanele. Yileyondoda ephansi. Yilowomuntu wokuba aphakanyiswe. Yilowo odinga uNkulunkulu.

¹²⁹ “Ngakho saMlalela, ne—nengxoxo yaqhubeqa. Futhi ekugcineni Wathi kuye, ‘Hamba, ulande indoda yakho futhi uze lapha.’ Wayesethi, ‘Anginandoda.’”

¹³⁰ NoAndreya wathi, “Niyakhumbula ukuthi sonke sabukana kanjani na? ‘He, ngesinye isikhathi Wayenephutha! Kunokuputshuka, ndawondawo, ngoba lapha Umtshela ukuthi,

"Hamba, ulande indoda yakho," futhi uyaphendula uthi, "Anginandoda." Futhi Uyamtshela, "Ukhulume iqiniso." Kwase kuthi-ke sonke samangala. 'Besizothini manje na? Manje Usetshele owesifazane ukuthi unendoda; futhi uyajika, uthi akanandoda. Futhi nansi iNkosi yethu, futhi nasi lesosibonakaliso sobuMesiya ebésizosibheka, futhi lapha sehlulekile.' Futhi sashaqeka, omunye komunye, lapho sibuka.

¹³¹ "Wayesethi-ke, 'Ukhulume iqiniso. Ngoba, ubunamadoda ayisihlalu. Nale onayo manje, futhi ohlala nayo, ayisiyo indoda yakho.' Futhi niyakhumbula ukuthi lowo wesifazane waMbeka kanjani wayesethi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena'?"

¹³² Manje, umkhandlu o—o—omkhulu wamabandla omhlaba ngalolosuku, ngenkathi bekubuka, bathi, "LoMuntu ungumbhuli. LoMuntu unodeveli. UnguBelzabule." Beningacobanga ukuthi labo baholi bezenkolo babengadonsa umcabango onjalo njengalowo, ebusweni besikhathi okwakufanele kwenzeke ngaso, nangokwemiBhalo na? Kodwa bakwenza. Futhi basakwenza. Manje, bathi, "Kungukuthi, o, ngumoya omubi phezu koMuntu. Yilokho Akwenzayo. Nje ungu—nje UnguBelzabule. Yilokho okuyikho."

¹³³ Kodwa lo omcane, owesifazane onegama elibi wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena."

¹³⁴ Wayengazi kanjani ukuthi Wayengumprofethi na? Ngoba Wamtshela into eyayisempilweni yakhe, wathi, "Ungumprofethi wena."

¹³⁵ Wayesethi, "Manje, siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto. Usitshela zonke izinto."

NoJesu wambuka ebusweni wayesethi, "NginguYe."

¹³⁶ Nalokho kwakuxazulula. Kwakungasekho omunye umbuzo. Isibonakaliso sasesinikeziwe. Wayesimukelile. Wayesazi. Wawisa imbiza yakhe yamanzi, futhi waya emzini.

¹³⁷ Manje, ngokwesiko; futhi noma ubani ohambile, uyakwazi lokhu. Wayengafanele akwenze lokho. Lokho akusikho okwenkambo elungileyo ukuba lowo wesifazane odume kanjalo, lolohlobo lo—lowesifazane, ukusho noma yini kowesilisa emgwaqeni. Qhabo, mnumzane.

¹³⁸ Kodwa ini? Wayethole into ethize. Wayenjengendlu eshayo, ngosuku olunomoya. Wawungeke umkhiphe. Wayethole into eyiyo ngempela. Wagijima wadabula umgwaqo, ethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile. Lona akusiyi uMesiya impela qobo lwaKhe na?" Amen. Nkulunkulu siphe abanye abaningi abaphendukile kanjalo. "Niyazi sibheke uMesiya," washo. "SiMbhekile. Futhi lapho kuhlezi uMuntu khona lapho emthonjeni manje, ongitshela izinto engizenzile.

Leso akusiso isibonakaliso sobuMesiya impela esifanele sisibheke na?"

¹³⁹ Futhi baMletha emzini. Akabange esaphinda akwenze. Kodwa iBhayibheli lathi abantu bomuzi baMkholwa ngenxa yobufakazi balowo wesifazane. Amen. UNkulunkulu angazenxa kanjani izinto! Bakukholwa. Futhi loMuntu wayengakaze abe kulowo muzi ngaphambili, futhi wama lapho futhi watshela lowo wesifazane ukuthi wayekade enamadoda ayisihlanu. Futhi kwakuyiqiniso. Futhi kwakuyihora, nesikhathi, futhi bakukholwa.

¹⁴⁰ Kungani singakukholwa na? Kungani iTucson ingakukholwa na? Kungani ibandla lomhlaba lingakukholwa na? Kungani iMelika ingakukholwa na? Kungani umhlaba ungakukholwa na? Nanku umBhalo othi kufanele kube lapha ngalesisikhathi, nakhu lapha kunathi.

¹⁴¹ Niyazi, ngiyesaba ibandla lidonsele umphefumulo wabo emaphephabhukwini amanangi kakhulu amadala ezindaba zothando esikhundleni seZwi likaNkulunkulu. Yileyo indaba. Bangakutshela kakhulu ngokuthi ubani ingcweti yamabhayisikobho elandelayo, kunoma bengakutshela ngokusebenza kukaMoya oNgewe. Amen. Kunjalo. Uma sibeka isikhathi esiningi ekuhlaleni ebusuku bangoLwesibili nobusuku bangoLwesithathu, futhi siye ebandleni emhlanganweni womkhuleko, esikhundleni sokuhlala ekhaya sibuke ithelevishi ngokuthi "Ubani Othanda uSuzie" noma into ethize efana nalokho, futhi siqhele ebandleni, siyokwazi kakhulu ngeBhayibheli lethu futhi sazi ukuthi yini esifanele sibe nayo kulolusuku. Kulungile. Kunjalo. Kodwa, niyabo, thina—thina, siqhelile. UNkulunkulu usinike amabandla na—nabelusi abakahle, nabantu abagcwaliswe ngoMoya. Futhi—futhi thina nje...Sikhuluphele kakhulu emiphefumulweni yethu, futhi sakbuluphaliswa futhi sondliwa, size nje singabe sisabanandaba ngaWo nhlobo. O, he! Sidinga i—sidinga ukushukunyiswa. Sidinga into ethize yenzeke kithi. Awu, mhlawumbe sinamahloni.

¹⁴² Manje, ngifika kulababantu bePentecostal ngokuthi ukuba leyithi. Ngingozelwe kungakabi yisikhathi. Kodwa ngiyakhumbula ngokufunda indaba yakho, uMgwaqo uAzusa. Futhi khumbulani ngenkathi babevamise ukuba nalemihlangano emikhulu, babekhuleka ubusuku bonke. Futhi obaba benu, a—abadala emsebenzini, futhi babekhuleka ubusuku bonke. Futhi babezila izinsuku, futhi babelinda kuNkulunkulu aze uNkulunkulu aphendule. Namhlanje, angeke sihlale ealtare imizuzu emihlanu. Into ethize iyiphutha. Yini indaba na?

¹⁴³ Ngangivame uku—ukuhambahamba nomgibeli wesifunda omdala oyiMethodisti. Wayengiculela iculo elincane.

Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
 Sixegise ngesono.
 Siwise imigoqo, izimvu zaphuma,
 Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

¹⁴⁴ Siwise imigoqo. Yilokho okwenzekile. Sixegisile. Futhi si—sifanele sisuke kulokho, umhlangano omdala weseMgwaqwemi uAzusa, imfeshini endala, inkolo yephentekoste, emahlathini asemajukujukwini, el'hlaza sibhakabhaka, eqondise okombhobho wesibhamu, inkolo ebulala isono. Mfowethu, abacakanga. Yacaka. Yenze okuthize kubantu. Futhi, namhlanje, uma sesiskele kulokho, siba ngabaxegayo. Siba ngabafana nalolonke izwe. Kubi kakhulu.

¹⁴⁵ Futhi, namhlanje, iningi labantu aliyifuni indoda eyoma futhi ikhulume iQiniso ngakho. Bafuna uRicky othize omncane ogunde isiHollywood, namakha yonke indawo, futhi enyukele ngqo lapha bese ekhuluma ngesayense ethize yezenkolo ayifunde kwamanye amangcwaba, noma—noma ikholiji lezenkolo. Ngiyaxolisa. Konke kuyindawo efanayo, ikhaya lezidumbu, ngakho manje—ke si—siyakuthola lokho ndawo zonke. Bafuna into enjengaleyo. Abasalifuni iVangeli eliyifeshini endala likhangewa ngamandla nesibonakaliso sikaMoya oNgcwele nhlobo. Kukhona okungalungile.

¹⁴⁶ Sidinga umhlangano wobufakazi, into enkulu ukuba yenzeke. Sidinga umhlangano womkhuleko. Sidinga ukumba phansi, ukudabula. Yiqiniso. Sidinga uKristu abuyeple phakathi kwethu, sazi iBhayibheli. Sishushumba nje siya ngokuxega ngokuxega, sonke isikhathi. Sidinga ukubuyela esisekelwemi sasekuqaleni, sibyele endaweni, idwala esaqheshulwa kulo, siphinde siqale futhi.

¹⁴⁷ Manje, lona wesifazane omdadlana, wayazi lapha ayemi khona. Kwakungekho lutho olwaluzommisa. Yebo, mnumzane. Wayenobufakazi. Wayekubonile, futhi wayekubhekile. Futhi wayewazi umBhalo, futhi wayazi ukuthi lokho kwakuyilokho okwakuyikho. Futhi kwathi nje kungenzeka, kwabaneka endleleni yakhe, amehlo akhe avuleka nge, futhi wakwazi. Akukho okuzommisa. Noma ngabe amasiko kumbe noma yini, akuzukummisa. Kunjalo. Uzokusho, noma kanjani.

¹⁴⁸ O, he, okwabantu abanjalo! Sinike uhhafu wedazini abavutha kanjalo, ngiyanitshela, iTucson iyoba yindawo ehlukile ngezinsuku ezimbalwa. Ngamunye wenu nifuna lokho ebandleni lenu, aninjalo na? Ningekufune na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. O, he! Impela, yilokho esikufunayo, umuntu othize ovuthayo. Sithi ukuthola ukuba namahloni ngakho, ngandlela thize. Sifike endaweni, siyahela nje efeshinini endala, ukuPhila okugcwaliswe ngoMoya ngempela okusigcina sihlanzekile.

¹⁴⁹ Manje, uAndreya wafakaza. Into yokuqala niyazi, isikebhe saphinda sanggangqazela. Kodwa bathola ukuthi, ngalesisikhathi, niyazi, ilanga lase lishonile.

¹⁵⁰ Niyazi, futhi uma ilanga lishona, kuyisikhathi ububi obuqala ngaso, ngandlela thize. Ngangifunda udatshana e, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, iphephabhuku *iLife* noma okuthize, kungekudala. Nenye ingcweti yamabhayisikobho yenza ukuphawula okunje, “Ubusuku benziwa ukuba buphile phakathi. Ukuphila kuqala ngenkathi ilanga lishona.” Ukuqa kuqala ngenkathi ilanga lishona. Lokho kungenkathi odeveli bezingela. Bhekisia izibankwa, izinyoka, ofezela, amakokoroshe, yonke enye into. Zifanele zibe sebumnyameni. Kusebumnyameni.

¹⁵¹ Anisibo abobumnyama. NingabokuKhanya. “Hambani ekukhanyeni.”

¹⁵² Kungikhumbuza, ungathatha ubuthumbu obudala be aphula, ububeke kuyiphansi lendlu. Akuzukubakhona lutho olubukhathazayo ngesikhathi sasemini. Ake kube ngubusuku, futhi khona-ke amakokoroshe, yonke into izungeze indawo, iyoquzelia iye kubo. Bese kuthi-ke uma ufunu ukuwabona ehlekazeka, khanya ilambu nje. Ahlekazeka ngempela.

¹⁵³ Lokho kungikhumbuza, njengokushumayela *iVangeli*. Khanyaisa *iLambu* nje. Akusithathi isikhathi eside kakhulu kuze kuhlakazeke ububi. Ibandla lidinga imvuselelo enhle, uMoya oNgcwele omuhle ngempela, imvuselelo ethunyelwe nguNkulunkulu.

¹⁵⁴ Ngenkathi ngisengumfanyana, umfowethu nami; lo osewashona; sasiphandle emfulaneni ngolunye usuku, ogeleza emva kwendawo, futhi sabona ufudu oludala lwasolwandle. Angazi noma niyalwazi yini ufudu lwasolwandle ukuthi luyini, ufudu. Zinoqweqwe, niyazi. Wuqweqwe ngaphandle,nofudu lwasolwandle ngaphakathi. Futhi saluqaphela luhamba, nokuthi lwaluhamba ngokuxake kanjani. Futhi ngenkathi sesifika kulo, lwathi “sh,” lwahoshekela kolwalo . . .

¹⁵⁵ Njengenqwaba nje yalaba ababizwa ngamakholwa uma ubatshela ngombaphathizo kaMoya oNgcwele noma okuthize. “O, lezozinsuku sezedlula.” Sh, “Ayikho into enjalo.”

¹⁵⁶ Umfo wathi kimi, ngolunye usuku, wathi, “Anginandaba ukuthi uvezani.” Wathi, “Anginandaba ukuthi bangaki abantu abafile ongafakazisa ukuthi wavuswa, bangaki, angikholelwa kukho.”

¹⁵⁷ Ngase ngithi, “Impela ngeke. Kwakungesikho okwabangakholwayo. Kwakungokwabakholwayo kuphela. Niyabo? Ungongakholwayo.” Niyabo?

¹⁵⁸ Manje, sasifuna ukulubona luhamba, ngoba sasicabanga ukuthi kwakubukeka kuxakile ukubona ukuthi luziphosa

kanjani izinyawo zalo. Ngakho ngathi, "Suka. Hamba." Lwavele lwahlala nje oqweqweli lwalo. "Awu," ngathi, "Ngizolulungisa, mfowethu." Ngase ngiya ngale ngase ngizitholela uswazi. Futhi ngaluthela ngempela phezu kwalo. Ungeke walushaya lumphume kuzo. Lwavele lwahlala lapho nje.

¹⁵⁹ Ngase ngithi, "Ngani, ngi—ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani. Ngizolwenza luhambe." Ngase ngilwehlisela emfudlaneni. Ngathi, "Ngizo...Kuzoba phakathi kokuthi luyahamba, noma ngizo—ngizo—ngizolugwilizisa." Ngakho ngalunamatelisa phansi emanzini, futhi ngalubamba ngezandla zami. Futhi nje amagwebu ambalwa ayakhuphuka, futhi lwahlala oqweqweli.

¹⁶⁰ Umbhaphathizo wamanzi awuwenzi, mfowethu. Ungababaphathiza noma ngayiphi indlela ofuna ngayo. Lokho akukwenzi. Qhabo, qhabo. Kunjalo. Ungahle uthole amagwebu ambalwa, kodwa lokho kuthi akube yikho kuphela.

¹⁶¹ Manje-ke ngibone isiqephu sephepha sibekwe ngale ekhoneni. Ngazibasela umlilo omncane, ngase ngilubeka phezu kwalowo. Mfowethu, Iwanyakazake.

¹⁶² Yilokho ibandla elikudingayo kulobibusuku, lidinga uMoya oNgcwele noMlilo, ukuthola ibandla ukuba linyakazele uMbuso kaNkulunkulu. Liyohamba-ke. Imvuselelo, lemukele uKristu, iZwi! LiLikholve, liLizikise phansi phansi kobambo Iwesihlanu ngakwesokunxele, lize Ligxilise okwehange phansi, phansi ekugcineni kwenhliziyo. Bese-ke, izikhukhula zenjabulo ziyovumbuka, nenjabulo engakhulumekiyo, negcwele inkazimulo. NoMoya oNgcwele uyokwenza ucule, "Gewalisa indlela yami nsuku zonke ngothando, lapho ngihamba neJuba laseZulwini." Kuyokwenza okuthize kuwe. Esikudingayo, kuyo—kuyofaka amandla lapho. Kuyokwenzela okuthize.

¹⁶³ Ngesikhathi, lababazwalane, ilanga lashona, ubumnyama buqala ukungena. USathane kufanele ukuthi wenyuka ephuma emigodini yakhe yokuhlupha wayeselunguza egqumeni. "A!" Wadingeka alale athule ngalolosuku, ngoba izinto ezinkulu zazikade zenzeka. Ngakho u...Kwabamnyama, wayeselunguza ngale egqumeni. Nabafundi babesuke bahamba ngaphandle kukaJesu. Yilokho nje ayekufuna. Wababamba ngaphandle kukaJesu.

¹⁶⁴ Futhi nje yilapho afuna ukunibamba khona. Anikholwa ukuthi ukuphungula izinwele zenu akufanele, besifazane. Buyelani eBhayibhelini nje bese nithola ukuthi ngabe kuyikho yini noma qha. Anicabangi ukuthi lezizinto azifanele. Unibamba anisuse kuJesu. Yilokho kuphela. Philani enhle, impilo emesabayo uNkulunkulu, bese nibhekisisa ukuthi kwenzekani. Abanye abantu uthi...

¹⁶⁵ Owesifazane wathi kimi, ngoluny'usuku, wathi, "Mfowethu Branham. Ngifuna ukukutshela khona manje. Ubukhuluma

ngezingubo zethu, indlela ebésiziqqoka ngayo, zimpintshana kakhulu isikhumba singaphandle.”

Ngase ngithi, “Awu, ngifuna ukukutshela okuthize.”

Wathi, “Yilolohlobo kuphela lwengubo abalwenzayo manje.”

¹⁶⁶ Ngathi, “Lezo akusizo izaba. Basenazo izimpahla futhi banemishini yokuthunga. Ungeke wathola...Akukho zaba zayo, nhlobo. Qhabo, mnumzane.” Ngathi, “Qhubeka, futhi ngoluny’usuku uzophendula ngokuphinga.”

¹⁶⁷ Angikhathali ukuthi uhlanzeké kanjani, ukuthi umsulwa kanjani kumyeni wakho, isoka lakho. Uzigqokisa ngakho konke ukukhanukisa futhi ugale ukwehla ngalowomgwaqo, esinye isoni sikubuke ngendlela engafanele, futhi ngoSuku lokwaHlulelwá, siyodingeka siphendule ngakho. Futhi ubani owakwenzayo na? Nguwe. UJesu wathi, “Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe vele.” Futhi waziveza wena uqobo ngaleyondela.

¹⁶⁸ Nkulunkulu, sithumelele imvuselelo ngaphambi kokuba sibhubhe. Kunjalo. Sidinga eyifeshini endala, ethunyelwe nguNkulunkulu, imvuselelo eshukumisa umphefumulo, yebo, sithole uKristu abuye phakathi kwethu, sithole uKristu ema-altare ayifeshini endala nemihlangano esasivame ukuba nayo eminyakeni eyedlule.

¹⁶⁹ Manje, uSathane wathi, “Basuke bahamba ngaphandle kwaKhe, futhi ngibasusile. Ngicabanga...”

¹⁷⁰ Awukholwa yini, mfowethu, manje nja? Siyazi kukhona onke amahlelo ahlukene lapha, futhi-futhi ngingowawo onke. Ngakho, kodwa, awucabangi ukuthi ngalesisikhathi sempumelelo...Kade sakha izindlu ezintsha. Kade sithenga yonke into entsha, nalolonke ibandla linenqwaba yemali, futhi ligqoka kancono. Ngicabanga ukuthi sithe ukuchezukela kolunye uhlobo lokutetema, futhi sishiye uKristu ndawondawo. Niyabo?

Futhi manje usibona sihlezi kanje phandle lapha.

¹⁷¹ Imvuselelo isiphelile. Futhi thina lapha, kungekudala, ngani, imvuselelo ibivutha, futhi manje kubonakala sengathi sekuthi ukuba lukhuni ukuthola ibandla ukuba ligcwaliswe swi. Abelusi bangitshela ukuthi ku-kul’khuni, ezinsukwini zamanje. Nabantu abayi ebandleni. Baqoka ukuhlala ekhaya futhi babukele ithelevishini, futhi, noma okuthize. Uthando seluphumile enhliziyweni yabo.

¹⁷² NoSathane usibonile sichezukela kulokhu kutetema, futhi sasuka sahamba ngaphandle kukaJesu, futhi ucabanga ukuthi yithuba lakhe.

¹⁷³ Wathi, “Manje ngizobazikisa. Uma sengibachezukisile, ngizobazikisa. Leyo kuzoba yinto nje engizoyenza.

Sengibabambile manje ngaphandle kukaKristu. BaMshiye ngemuva."

¹⁷⁴ Futhi, niyabo, babematasatasa kakhulu, futhi babenokuningi kakhulu abazokwenza, futhi bevayizela kubantu, neziningi kakhulu izindaba zenhialiswano, nayo yonke into, baze bakhohlwa ukuhamba naYe.

¹⁷⁵ Ngicabanga ukuthi yilokho esinakho, okuningi kakhulu kwezinhlelo zethu, sesize samshiya ngaphandle uJesu. Izinto ubaba wethu nomama abazilwela kanzima, balala ngaphandle emizileni kaloliwe, futhi badla ummbila, nokolo, nanoma yini ababengayithola, ukuba bashumayele leliVangeli. Futhi namhlanje sihamba sichitha nje. Niyabo? Akulungile. Sifanele sivuthe.

¹⁷⁶ NoSathane uyakubona lokhu, futhi unjengoba nje kwakunjalo ngaleyonkathi. Wathi, "Ngizobazikisa phandle lapho, kulobubusuku, ngoba uJesu ukude nabo." Manje, imimoya iqala ukuvunguza. Inkathazo iqala ukungena. Futhi kwakubonakala sengathi akukho muntu owayenempendulo.

¹⁷⁷ Manje sinamabhomu ogesi ihaydrojini nosomkhumbimkhathi, nayo yonke enye into, kodwa kubonakala sengathi akukho muntu onempendulo. Banazo zonke izinhlobo zezinkomfa nemihlangano, bezama ukulinganisa ukuthi bangemehlule yini umuntu othize oya enyangeni. Angikhathazekile ngokuya enyangeni. Ngifuna ukuhamba ngedlule inyanga, uma sengiqale ukwenyuka.

¹⁷⁸ Futhi bampompolozile lapha, iRashiya ikwenzile, kungekudala, ngokuba nendoda emkhathini, babanendoda yokuqala emkhathini. O, basemuva kangakanani! Sibe noYedwa emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. He! Udumo! Senyuka naYe, ngolunye lwalezizinsuku, Yena. Impela!

¹⁷⁹ Kodwa, niyabo, ngumjaho wamagudwane, kufana nawo. Futhi lapha baqala ukuqhube, futhi manje-ke uSathane uqala ukuphephetha umoya wakhe omdala wophoyizeni phezu kwabo, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Iphi iNkosi yenu manje na? Nangu umuntu othize ebandleni lenu, ogulayo, futhi kubukeka sengathi akukho eningabenzela khona." Niyabo, nje idwala elisamcibisholo. Niyazi ini? Babenomhlangano ngolunye usuku, futhi siyaqonda ukuthi bazothatha, emizuzwini yethu noma ebandleni lethu, bazo, bazophambanisa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Inqwaba yamabandla enza lokho, awasakukholwa. Abelusi abanangi abakwenzi.

¹⁸⁰ Ninenhlanhla kanjani nina bantu ukuba nabelusi bephentekoste abayomela into uKristu ayimelayo.

¹⁸¹ Elinye lamahlelo akithi amakhulu ePentecostal maduze nje lenza isitatimende, ukuthi, ngaphambi kokuba bathumele izithunywa zabo zenkolo ngaphandle, zizofanele kuqala ziye

phambi kwesazi sezifo zengqondo, ukubona ukuthi IQ yabo yokusebenza kwengqondo iphakeme ngokwenele yini namanje. O, uma leyo kungesiyo iPhentekoste!

¹⁸² Angazi ukuthi yimfundu enkuIu kangakanani uPetru ayeyoba nayo ukuba babemvivinyile lapho? Lokho kwakunga...Lokho akunakwanga ngisho. Kwakungasikho ukuthi yi IQ eningi kangakanani ababenayo. Kungukuthi amandla angakanani kaMoya oNgcwele ababenawo, ukubonakalisa amandla, ukuthi hlobo luni lwempilo ababeyiphila. Impela.

Manje, sithola ukuthi imimoya kaphoyizeni usuqala ukuvunguza. Usuqale ukuchezukisela umkhumbi omncane kwenye into ethize.

¹⁸³ Futhi manje khumbulani, ngikuthokozela konke uNkulunkulu asenzela khona. Ngiyakuthokozela ukuthi sinezimoto ezintsha. Ngiyakuthokozela ukuthi siphumile e—ezidwedweni, sangena ezingutsheni ezinhle zokugqoka. Ngiyakuthokozela lokho. Kodwa, niyabo, uma siqala ukuthola lezozinto...Sinamabandla amakhulukazi.

¹⁸⁴ Kwakuvamise ukuthi, obaba benu, obaba bethu, obaba bethu basekuqaleni, babema phandle lapha emgwaqeni, futhi balale bonke ubusuku ejele, ngokuba nomhlangano wobufakazi. Babenesitolo esidadlana ezansi lapho, izimbungulu ezazicishe impela zithuthwe, elawini elalihlushwa ngamagundwane. Babemvumela abe nalo ngamadola amabili ngeviki. Besek ehlale lapho, aqale, nephoyisa eliphatha isifunda lalisibopha sonke isigejane bungakapheli ubusuku. Yileyondela ababekulwa ngayo.

¹⁸⁵ Futhi manje sinamabandla amakhulu kunawo onke edolobheni, izixuku ezigqoke ukwedlula zonke, nawo wonke omunye umuntu ozayo. Kodwa aphi lawo ayifeshini endala, athunyelwe nguNkulunkulu, amandla kaMoya oNgcwele ababenawo emuva lapho na? Ikhona into engalungile ndawondawo. Ndawondawo, ikhona into engalungile. Sihlala kakhulu...Sithambe kakhulu.

¹⁸⁶ Indoda iba ngethambayo. Aba okubhasteliwe. Kunjalo. Thathani iminyaka engamashumi amahlanu edlule, u—umdlalo webhesibholi, anizwanga nhlobo ngengozi. Manje abulala idazini ngonyaka. Shaya oyedwa, ifana nje nesilwane okuhlolwa ngaso imithi, uyishaya iphume, isifile.

¹⁸⁷ Bukani uBob Fitzsimmons, no—noCorbett, uJohn L. Sullivan, nalawo madoda ayelwa imizuliswano eminingi ngangekhulu namashumi amabili nanhlanu ntambama. Futhi umzuliswano wawungesiyo imizuzu emibili noma emithathu, kwakungumgqimuzo womlahlaphansi. Bangqimuzane balahlane phansi, kamashumi amabili nanhlanu ntambama, sonke isikhathi. Babengenazo izimpaphe zombhede phezu

kwezandla zabo njengoba amabhokisa linazo namhlanje. Babeshayana ngengqindi. Kwakungathatha umgqimuzo wama intshi amane bese beqhumisa ithu-bhayi-fo ngezandla zabo. Babekwazi ukukumela. Babengamadoda.

¹⁸⁸ Futhi manje laba abancane, ababizwa kanjalo, izintekenteke ezondliwa ngamavithamini, bafake izimpaphe zombhede. Futhi bane, bayodingeka bayimise yonke into yesibhakela. Sekuthambile. Indoda isithambile. Akusekho lutho kuyo. Iyinto ebukeka iyisiqhwa esikhulukazi, kodwa kuyini na? Isigejane esiphihlika izinyembezi. Khona impela nje iBhayibheli elakusho, “Bakhula babe buthakathaka kakhulu kodwa bahlakaniphe kakhulu.” Yiqiniso. Okubhasteliwe!

¹⁸⁹ Noma yini engiyenyanayo ngebhasteliwe. Ngibone isiqephу kweReader's Digest. Uma beghubeka nokondla abesifazane nezinto, lokhu kudla okubhasteliwe, ukuthi eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje sonke isizukulwane siyoba ngesiphela nya. Abesifazane useba mahlombe abanzi, izinqulu ezinciphile. Abasakwazi ukuba nezingane zabo nezinto. Okubhasteliwe!

¹⁹⁰ Nikhulumu ngommbila obhasteliwe. Akukho lutho kuwo. Uyini na? Olukhulukazi uhlamu oluhle, kodwa akukho lutho kulo. Thatha lowommbila obhasteliwe bese ubuye uwutshale, awutholi lutho. Uphelile, uphambana nanoma yini.

¹⁹¹ Futhi yilokho impela ibandla eselibe yikho, isigejane samabhastela. Yiqiniso. Baphambanise umbhaphathizo kaMoya oNgewelete nokuzihlanganisa nebandla, futhi banesigejane sabathilazayo abathambile, ababizwa kanjalo, amaKristu azishoyo angazi lutho ngoNkulunkulu kunonogwaja owazi ngezichathulo zaseqhweni. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Esikudingayo namhlanje ngesithunyelwe nguNkulunkulu, sibuyelete esehlakalweni esizelwe ngokusha seBhayibheli. Okubhasteliwe! Bathi kubukeka kancono. Yilokho abanakho. Sinezindlu ezinkulu ngokuthe xaxa, izixuku ezigqoke kancono. Kodwa sinani na? Sinesikhulu ngokuthe xaxa isikhwebu sommbila, kodwa akukho mpilo kuso. Sinebandla elikhulu ngokuthe xaxa nesigaba sabantu esifundiswe kancono, kodwa kukuphi ukuPhila na? Abakwazi ukuphinda bazizale futhi.

¹⁹² Njengomnyuzi. Ngangihlala njalo ngiwudabukela umnyuzi. Umnyuzi awazi ngisho...Awunahlobo lokuzalwa. Umama wawo kwakuyihashi lensikazi, nobabayi wawo kwakuyimbongolo. Angeke ngisho ube nabantwana, qobo lwawo. Ayikwazi ukuphinda izizale, nhlobo. Ungeke wakuxubanisa kubuyelete emuva.

¹⁹³ Lokho kwashaya isayense yaphuma, kwashiwo, inguqunguquku yathi sivela enkawini. Sasingavela kanjani na? Uma ukuxubanisa ngesinye isikhathi, akusoze kwaxutshaniswa

kwabuyela emuva futhi. Lokho kushaya ukuphikisana kwabo kuphume. Kunjalo. Akusoze.

¹⁹⁴ Qaphelani. Nalomnyuzi omdala, awazi. Awazi. Awazi lutho. Futhi kuphela okwaziyo, ungumnyuzi nje. Uhlala njalo ubuka...Uhlale lapho nezindlebe zawo ezinkulu ezindala ziphakeme, niyazi. Futhi uyokhulumu nawo, ungeke uwufundise lutho. Ungeke uwufundise into. Uvele ukubuke nje, hamba, “Oo! Oo!” Yilokho kuphela okwenzayo.

¹⁹⁵ Kungikhumbuza ngesigejane sabantu abahlezi lapho njengomunye walomnyuzi, inkolo ebbatsheliwe esinayo. “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Oo! Oo! Oo!” Wazini ngaKho na? Kunjalo. Akazi. Akazi ukuthi kwakungubani ubaba wakhe. Into kuphela ayaziyo, bangabehlelo elithize.

¹⁹⁶ Kodwa ngiyaluthanda uhlobo lwangoqobo, ihashi lohlobo lokuzalwa. Liyazi ukuthi ubaba walo wayengubani, ukuthi umama walo wayengubani, ungubani ukhokho walo wesilisa, ukhokho walo wesifazane. Liyazi ukuthi babengubani, ngoba liwuuhlobo lokuzalwa.

¹⁹⁷ Futhi ngiyamthanda umKristu wohlobo lokuzalwa wangoqobo. Uyazi ukuthi uvelaphi, okombhaphathizo wasekuqaleni woMoya oNgcwele ngoSuku lwePhentekoste. Udumo kuNkulunkulu! Uwuhlobo lokuzalwa futhi wabekwa uphawu ngoMbuso kaNkulunkulu.

¹⁹⁸ Uthi, ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Umnyuzi omdala uyompompoloza, “O, ngendlela, ngendlela.”

¹⁹⁹ Kodwa uhlobo lokuzalwa luyothi, “Amen.” . . . ? . . . Uyakholelwa ekuphilisweni ngokobuNkulunkulu na? “Amen.” Isehlakalo sangoqobo sikaNkulunkulu siyogcizelela sonke isithembiso ngo “amen.” Udumo!

²⁰⁰ Bengingaqondile ukwenza lokho. Asiqale emuva. Bengikuphi na? Emhlanganweni wobufakazi. Qaphelani. Ngizokushiya lokho kubelusi benu. Kulungile.

²⁰¹ Qaphelani, isiphepho esikhulu siqala ukwenzeka. Ukungabaza kuqala ukungena. Izingxaki ziqala ukungena. Yilokho okwenzekile, niyabo, ukubhastela kuyabuya futhi. Niyazi ukuthini? Isitshalo sangoqobo sasekuqaleni, awudingi ukuba usifuthe. Qhabo, mnumzane. Izilokazana azisoze zafika ngisho kuso. Yileso sitshalo sasendlini yengilazi yokumilisela izithombo odingeka usifuthe.

²⁰² Yileyo indaba. Ufanele ufulthe, futhi utotose, futhi umbambathe uzungeze labo ababizwa ngamaKristu. Ubatshele, ningeke nakwenza lokhu. “O, awu, manje, ngizokutshela nje, nginelungelo.” Nakho lapho okhona. Niyabo? Leso yisitshalo esisendlini eyingilazi yokumilisela izithombo. Angeke bamela lutho, ekuqaleni, niyabo. Okudingayo okwasekuqaleni,

ukugubha okudala, nokudiliza. Njengoba ngishilo izolo ebusuku, hlanza isidleke bese uqala futhi. Kunjalo. Ungenzo abadikoni ngabo nayo yonke enye into, kodwa akusoze kwenza okuhle. Bambambathe ngemuva futhi ubabize ngomfowenu, kodwa, baze bazalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, bayisidleke nje esigcwele amaqanda abolile. Kuyilokho kuphela. Akusoze kwachamusela. Sidinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Angichazi khona ukuxhawulana okuthize okomile.

Futhi uthi, “Niwu, niwutholile uMoya oNgcwele na?”

²⁰³ “Ya, ngenkathi ngixhawulana nomelusi, ngenkathi ngemukela uJesu njengoMsindisi wami.” Mfowethu, leyo akusiyo iMfundiso yeBhayibheli.

²⁰⁴ UPawulu wathola isigejane esihle sohlobo lwamaBaptisti enhla lapho, futhi wathi, “Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?” Hhayi *ngenkathi* nikholwayo. Kodwa, “Emva kokuba senikholiwe, nimamukele uMoya oNgcwele.” Yisehlalako esiqondene nomuntu esifikayo. Futhi uma lowo Nkulunkulu omkhulu ongaguqulekiyo ethumele uMlayezo waKhe ezansi, Akaguquki neze. Amen.

²⁰⁵ Manje sithola nanso inkathazo. Yini indaba na? Ikhona into eyenzekile. Umkhumbi uyangqangqazela. Umoya uyavunguza. USathane umukula umkhumbi, ukuvunguza ngokuvunguza, amagagasi ngamagagasi. Futhi onke amathemba alisekho, ukuba nenyen imvuselelo.

²⁰⁶ Ubufakazi buyalotha. Bayoqoka ukuhlala ekhaya futhi babone ithelevishini. Niyabo? Akusekho mihlangano yobufakazi yangoLwesithathu ebusuku nezinto, akusekho mihlangano womkhuleko. Niyabo?

²⁰⁷ Izigwedlo zephuka. Insika yawa, isiqondisa-mkhumbi. Konke akusekho. Yonke imimoya usuvele ubashaye bonke oseyili wabalahlha phansi.

²⁰⁸ Neminako yalelizwe masinya izoshaya bonke ubufakazi ibukhiphe kuwe, futhi. Uzizwa unamahloni ukusukuma. Ngani na? Uyazi. Uyazi ukuthi upholani. Uyazi ukuthi awuphili kuze kuyofika kulokho. Manje-ke, ngiyakutshela, esikudingayo yimvuselelo.

²⁰⁹ Babelapho, njengoba sinjalo nje namhlanje. Kodwa niyazi ukuthini? Wayengabashiyanga ngempela. Niyazi, iBhayibheli lathi Wayekhwele kwelinye lamagquma aphakeme kunawo onke elalikhona ezweni, ukuze Akwazi ukubaqaphela. Futhi yilokho Akwenza ngenkathi Esishiya eKalvari. U—U—U... Ngenkathi beMbethela, akazange Asishiye. Akazange akhwele igquma eliphakeme kunawo onke, kodwa Wakhwela iKalvari, wayeseqhubeka nokukhwela wedlula inyanga, izinkanyezi, waze wayothi ngqi emazulwini amazulu. Uma wenyuka kakhulu, ungabona kude kakhulu. “Futhi Waphakama kakhulu,

ngangokuthi Uze alibuke phansi iZulu,” iBhayibheli liyasho. Ya. “Yena phezulu le emazulwini amazulu, wenyukela Phezulu.”

²¹⁰ Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyasiqaphela kulobibusuku. Kunjalo Ubuka phansi phezu kwalomhlangano. Uyayibona inkathazo yethu. Uyazazi izingxaki zethu. Uyazi ukuthi ugula kanjani. Uyazi ukuthi wedlule kukuphi. Uyazi ukuthi uzama ukwenzani. Niyabo? Iso laKhe likuqaphele.

²¹¹ Futhi Wayemi phezulu esiqongweni saleyonataba, eqaphele, eqaphele. Uyibonile inkathazo yabo. Uzibonile izigwedlo zephuka. Uyibonile inhlango yebandla isuka, njengoba kwakunjalo. Ubonile yonke into yenzeka. Ubonile uSathane eqala ukuhamba ebaphephula, ehamba ebasontha, ngandlela zonke, lapho kul'khuni khona ukuba bazi ukuthi bazokwenzenjani. Kwase kwenzekani-ke na? Ngenkathi onke amathemba lingasekho, ukuthi bayoke, bake baze basinde, kwenzekani na? Khona-ke baMbona eza ehamba phezu kwamanzi. Uza ehamba enyukela kubo.

²¹² Manje, ukuba Wayekade esemkhunjini, nabo, futhi wahamba waphuma, babeyokwemukela. Kodwa, niyabo, Wayeqhilile kubo, futhi wadingeka eze ehamba angene, phezu kwamanzi. NeBhayibheli lasho, ukuthi, “Babesaba. Bethuka.” Bathi, “Yithongo.” Nokuyionanto kuphela eyayingabasindisa, babeyesaba ngoba yayibukeka isasipokwe. Babeyesaba.

²¹³ Uma leso kungesiso isithombe namuhla, angizange ngisixoxe. Okuyionanto kuphela engasindisa abantu, bayaYesaba: ujesu Kristu. Ngalelihora elibanga usizi esikulo, lapho ibandla selithi nje alilungele ukuyongena kumfelandawonye wamabandla, naseMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, na—nazozonke lezizinto, namahlelo ethu ayeza, amuncelwa phansi, futhi ngalinye. Futhi niyazi. Sonke siyakwazi lokho.

²¹⁴ AmaBaptisti ethu namaPentecostal ethu, ethola indlela efanayo. Siyabathanda abazalwane bethu, nandawo zonke, akunandaba ukuthi bakuphi. Kodwa alikaze ihlelo like lihlele, futhi liwe, elake lavuka futhi. Manje, hlolani umlando nje. Ngenkathi behamba, sebephehile. Namahlelo akithi amaPentecostal! Manje, inqubo, hhayi abazalwane, kodwa inqubo yehlelo ikwenzile. Iyafudumala nje. Nje i...Ibe sivivi, futhi nje isifinyelela ekubandeni okungu ayisi. Niyabo, i—iyasuka. Nabantu useyabanda, futhi bagcina umthetho ngamehlo nje, futhi benakekela izinto zezwe. Futhi sithola yonke into enhle enkululu, niyazi, futhi nje sithola yonke into inikezelwa esandleni sethu.

²¹⁵ UNkulunkulu watshela uIsrayeli, “Ngenkathi ningenalutho, Nganifumana endle ninegazi futhi nganigeza.” Wamthokozela uNkulunkulu. Kodwa uma usubemkhulu, futhi ugale ukuba nenala, khona-ke bamkhohlwa uNkulunkulu.

²¹⁶ Futhi nje yileyondlela okuqala ukuyithola. Niyabo? Futhi manje, niyabo, uma zonke izinto ibonakala sengathi okwethu... Siqala ukubuka ngokuthi, “Mangaki amanye amalunga esingawathola na? Ingaki enye inhlangano yebandla na? Singalithola yini elinye isonto elikhudlwana ngokuthe xaxa kunalona omunye umfowethu ongale kwedolobha na? Ungakanani umjaho kaSonto sikole esingaba nawo na?” Futhi sibaphe uphini wegolide ngokwenza into ethize, siletha abanangi *kangaka* kuSonto sikole. AmaBaptisti ayenesisho esincane lapho, nokho, ngo '44, athi, “Esinye futhi isigidi ngo '44,” isiqubulo. Unani uma usungene lapho na?

²¹⁷ Ngihlezi noBilly Graham, kungekudala, wabeka okwakhe... wasukuma lapho, wayesephakamisa iBhayibheli lakhe. Wathi, “Lesi yiSibonelo sikaNkulunkulu.” Ngangisekudleni kwakhe kwasekuseni. Wathi, “Ngi... uPawulu oNgcwele wathatha leliZwi likaNkulunkulu, wayeseyongena emzini, wayeseshumayela, futhi wase eba noyedwa ophendukile. Wabuyela emuva emva konyaka, futhi wayenowesithathu... amashumi amathathu ngalowo oyedwa. Lowo oyedwa ophendukile wazuza amashumi amathathu.” Wayesethi, “Wayesenabazukulu abangamashumi amathathu ke, niyabo, ngalowo mntwana oyedwa.” Wathi, “Ngingena edolobheni, ngyioba nezivumo eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu. Futhi ngyiabuya ngonyaka, angikwazi ukuthola amashumi amathathu.” Wayesethi, “Manje, yini indaba na?”

²¹⁸ Ngiyamthokozela lowomvangeli. Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu uyamsebenzisa phandle kulokho, lapho ekhona. Kuzofanele kube nomuntu othize oya eSomoda, niyazi. Bonke bangehlale noAbrahama neqembu lakhe, abadonselwe ngaphandle, abaKhethiwe. Kodwa wayekhona owahlala lapho, wakhombisa isibonakaliso esithize, wabalungiselela ukuba bahambe. Qaphelani.

²¹⁹ Futhi uBilly wathi, “Niyazi ukuthi yini indaba na?” Akazange ancenge. Wathi, “Yinina sigejane sabashumayeli abavilaphayo,” washo. Wathi, “Ngizoninikeza lamakhadi ezinqumo, futhi nizohlala phandle lapho, bese nibeka izinyawo zenu phezu kwedeski, futhi ngeke niye ngisho nokuyobakhathaza; futhi—futhi mhlawumbe nibabhalele incwadi, futhi nibatshela ukuthi nthanda ukuba nabo, ilunga lebandla lenu. Benifanele niphumele lapho futhi nibagqogqe, futhi nibafake ebandaleni.”

²²⁰ Awu, ngahlala futhi ngabhekiswa, isikhashana, niyazi. Ngacabanga, “Lokho kuzwakala kahle kakhulu.” Ngacabanga, “O, Mfowethu Graham. Impela nje ngingathanda ukukubuza umbuzo khona manje. Kodwa ngyisicuse esincane nje, uyazi, futhi wena uyindoda enkulu. Ngakho ngi—ngingekwenze. Kodwa ngithanda ukuthi, ‘Mfowethu Graham...’” Nakhu okuyikho, uma ngangingambuza.

²²¹ Manje, khumbulani, akukho okubonisa kuye, ngoba ngyiamthanda. Futhi uyindoda enkuIu. Ngiyamkhulekela, sonke isikhathi, futhi sifanele sikwenze.

²²² Futhi manje, “Ngithanda ukuthi, ‘Mfowethu Graham, ubani, wenzani lomfo, nalo oyedwa ophendukile uPawulu amzuzayo, mshumayeli muni owathatha, owaya kuye na?’ Isizathu, wayengenamelusi ukuba amshiye naye.” Niyabo?

²²³ Kwakuyini indaba na? UPawulu akamanga nje ekuvumeni. Wahlala naye waze wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Wayevutha, futhi uthi akashise umuzi uphele. Yileyo indaba.

²²⁴ Yileyo indaba namhlanje. Sibangenisa nje njengokuvuma, esikhundleni sokubaqhube ukuba bemukele uKristu, baze bazalwe ngoMoya kaNkulunkulu. Yilokho esikudinga namhlanje, yileyo mihiLangano yobusuku bonke. Hhayi nje ukuhlala... Ngiyakholelwa kuzo zonke izinto esizenzayo. Ngiyakholelwa ekumemezeni; ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholelwa ekuhunyushweni kwezilimi. Ngiyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Ngiyakholelwa kuzo zonke lezozinto. Kodwa, nokho, kuyinto ethize encono kunaleyo. NgukuZalwa, qobo lwakho. NguMoya oNgcwele, qobo lwaWo, ungena kithi. Lezizinto zikahle. Kodwa u...Lokho kuhle. Kodwa, kufana nendoda yekhaladi idla ikhabe, “Lisekhona elinye.” Ufanele uqhubeke, kuze kuthi uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezelu, ubumnene, ukukhuthazela, amandla okuvuka kukaJesu Kristu ashise empilweni, khona-ke besingaba nomhlangano wobufakazi ngalokho uNkulunkulu akwenza phakathi kwethu. Kunjalo.

²²⁵ UJesu uyeza eya kubo, phezu kwamanzi, futhi besaba. Bathi, “O, ku—kusasipoki. Thina, kuncono singabe sisaya kulowomhlangano. Uxakile.”

²²⁶ BaMbonile ebuya futhi, ngamandla aKhe; njengoba nje Ethembisa emakhasini aleliBhayibheli, ngala—lamakhasi kuleliBhayibheli, njalo, ukuthi Uyokwenza lokhu ngezinsuku zokugcina. Futhi kuhamba kungene, nabanningi abantu bathi, “Awu, Lokho kungukufunda umqondo nje. Lokho ngukukhonza imimoya yabangasekho. Lolo olunye uhlobo lwe...” Niyabo? Leyo yinto efanayo. Nento kuphela eyosindisa, ezosisiza siphume kulokhu, ngukwemukela uJesu Kristu. Kunjalo. Qaphelani. Ngenkathi Waye...

²²⁷ Bonke basaba, futhi bakhala, “O, yini Le na? Asazi.” Yayibukeka isabisa. Yayibukeka isasipoki. Kwenzekani na?

²²⁸ Ngaso lesosikhathi esibucayi, nakhu kufika iPhimbo, “Ningesabi. YiMina. Ningesabi.”

²²⁹ Kulobibusuku, njengoba bengingasho lokhu, njengoba sivala ubufakazi bethu obuncane lapha. Ngifanele ngikwenze, ngokushesha. Futhi ngivala ubufakazi babo, ekuvaleni

lengxenyenye yemvuselelo. Bangani, uma nibona uJesu Kristu enza into efana nekade Eyenza lapha, umhlangano wethu wobusuku obune mfishane kakhulu. Ngithanda ukuma lapha futhi ngithathe leliBhayibheli, kusukela kuGenesi kuya eSambulweni, futhi ngifikazise kini ukuthi lelo yihora impela esiphila kulo. Lokhu kufanele kwenzeke. NgokweBhayibheli, yihora lokugcina.

²³⁰ Ngenkathi uBilly nami sindizela eNdiya, maduze nje, babenesiqephu sephepha. Yizwe elikhulumza izilimi ezimbili. Futhi sathi, “Ukuzamazama komhlaba okuningi kufanele ukuthi sekwedlule. Izinyoni ziyabuya.”

²³¹ Manje, iNdiya, abanazo lezizintango ezinhle eziphiciwe njengoba sinazo. Bacosha amadwala bese benza izintango zabo, bese bakha izindlu zabo, futhi iningi lazo. Futhi usuku noma ezimbili, zonke izinyoni ezincane ezazihlala kulamadwala zasuka zandiza, futhi zaphuma. Azibuyelanga emadwaleni, zibuyelete esidlekeni sazo. Kwase kwenzekani-ke na? Zonke izinkomo ezazivame ukuza ku—kusihlwa, uma ilanga selishisa, futhi zazima emthunzini walezizindonga, ukuba ziphole; izimvu; azikwenzanga. Zaphumela ngqo kwimaphakathi lasendle futhi zama zancikana.

Bacabanga, “Lokho kuxakile. Kwenzekeni kuzo na?”

²³² Kwase kuthi-ke, khona manjalo, ukuzamazama komhlaba kwashanelia izwe. Zonke izindonga zawa phansi. Futhi-ke kwakuphansi izinsuku ezimbili noma ezintathu, ukuzamazama komhlaba okuningi. Manje-ke, khona manjalo, okwashiywa kumile, izinyoni ezincane ziqala ukungena futhi, ziyabuya. Bathi, “Ukuzamazama komhlaba okuningi kufanele ukuthi sekwedlule.”

²³³ Aniboni yini, bangani na? UNkulunkulu ofanayo ngezinsuku zikaNowa, owakwazi ukuthatha izinyoni nezilwane, futhi wazifaka emkhunjini wokuphepha, zasuka embubhisweni, lowoNkulunkulu ofanayo usengayixwayisa inyoni. Nenyoni inokuzibonela ngokwemvelo kuphela kokuba ihambe ngakho. Uma inyoni, ngokuzibonela ngokwemvelo, uNkulunkulu eyixwayisa ukuba isuke kwezinkulu, izindonga eziwayo, impela, lokho ngombaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuthi singasuka kulezi ezinkulu izindonga ezindala ezingamasiko ezakhwiwe zasizungeza, futhi siphume lapho, uma sidingeke sime, omunye encike komunye, futhi sizigcine emthunzini weBhayibheli. Kunjalo. Yena...

²³⁴ Ningesabi. Wakwethembisa. Ufika egibebe angene kithi, futhi enze imisebenzi yaKhe. Futhi masingesabi, kulobubusuku. Uma nje singavula gengelezi izinhliziyo zethu futhi sithi, “Nkosi Jesu!”

²³⁵ Bukani ubusuku. Bukani, bukani nje, ubusuku bethu nje obuncane, uma nje besingakaze sibe lapha ngaphambili

emhlanganweni. Futhi lobu yibona kuphela u—ubusuku besine. Ubusuku obuthathu bedlulile. Futhi bukani, uMoya oNgcwele awukahluleki nakanye. Ngithola izincwadi amaletha zobufakazi buvela ezindaweni, futhi zisho ukuthi kuyoba yini uma sebefike ekhaya, nokunye nokunye. Basho ukuthi nje kwakungaleyondlela ngqo. Ngani, impela. Kuyohlala njalo kungaleyondlela. Niyabo?

²³⁶ Bhekisisani ukuthi kuthini. Uma nje ukuzwa kukhuluma, ubona ukuthi kukutshelani. Niyabo? Ngiyakusho-ke engikubukayo. Bese-ke ngilinda bese ngibona ukuthi Unitshela ukuthi anenzeni. Noma ngabe yini Anitshela ukuba niyenze, hambani, niyenze. Angikhathali ukuthi iyini. Hambani, niyenze. Akusuye umfowenu lapha; nguJesu Kristu. Niyabo? NguKristu. UJesu wathi ngenkathi Elapha, “AkusiMina; nguBaba.” Niyabo? UBaba wayesebenza ngaYe. Manje, uBaba usebenza ngeBandla laKhe, niyabo, uMoya oNgcwele.

²³⁷ Futhi uma niWubona, ningaWesabi. Usingatheni, nithi, “Nkosi Jesu, ngiyaKuthanda. Ulapha. Mhlawumbe angikaze ngiKwemuukele njengoMsindisi wami. Kulobubusuku ngizokwenzenjalo. Ngifuna Wena ube nguMsindisi wami. Angifuni lomhlangano uvalwe ngize ukuba sengisindisiwe. Ngifuna Wena ungisindise kulobubusuku, Nkosi.” Uzokwenza. Uzokwenza. Lokho nje kuyafakazisa ukuthi Ulapha. Sisezinsukwini zokugcina. Lezizinto zifanele zibe yizo.

²³⁸ Futhi khumbulani, isibonakaliso sokugcina esanikwa uAbrahama, owayengumfanekiso walabo abayongena ekuHlwithweni. Niyabo? Base bevele bengaphandle kweSodoma. Isibonakaliso sokugcina anikwa sona kwakuyilesosibonakaliso impela: uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni yomuntu, eyatshela uAbrahama ukuthi uSara wayecabangani, ethendeni emva kwaKhe. NoJesu ubuya ujika ngqo futhi uthi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ukufika kweNdodana yomuntu.”

²³⁹ Ngihlawumpisela ekutheni ninabantu ningabakamoya. Sizani nizame ukuqonda. Niyabo? Leli kungahle kube yithuba lenu lokugcina. Niyabo? Mhlawumbe anifundiswanga lokhu emabandleni enu, amabandla enu amahle amakhulu. Lawomadoda, akukho okumelene nomelusi wenu manje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “...ngesabi. YiMina. Ningesabi.”

²⁴⁰ Manje, Baba waseZulwini, lona ol'hlaza, omncane, umhlangano wubufakazi obudabukile ebengizama ukuwuchaza, futhi ngizama ukukhombisa abantu ukuthi besingaba nobufakazi obufanayo kuwo onke alamabandla ngeSonto. Lamabandla amahle ehlezi lapha, angamalambu olwandle, kungabakhona abantu abami phakathi lapha, ngeSonto ekuseni, benikeza ubufakazi bento efanayo ababefakaza ngayo ngalobo

busuku olwandle. “O, izinhlizyo zethu bezingavuthi yini ngenkathi siMbona enza *lokhu*, futhi siMboney enza *lokho* na? Nkulunkulu, ngiyacela, thuma imvuselelo enku, Baba. Sibambe, Nkosi. Si—sidinga imvuselelo enku. Zembule Wena uqobo kithi, ngendlela yangempela, kulobubusuku.

²⁴¹ Mhlawumbe, Nkosi, emva kwalomhlangano wobufakazi engikhulume ngabo, mhlawumbe kuzofika ukulamba okukhulu phezu kwezinhlizyo zabantu, uma nje Uzozimemezela Wena uqobo futhi kulobubusuku phakathi kwabantu. Khona-ke bazohamba besuka lapha, futhi ngeSonto ekuseni bazogcwala phama lawomabandla futhi bafakaze. Bazosuka lapha, baye komakhelwane babo, bese beqala ukuzuza imiphefumulo, futhi bezama, beguqa phansi nomakhelwane babo, futhibekhuleka nabo, futhi behamba, bavakashele izibhedlela, abagulayo nabahluphekile, futhi bebatshela ukuthi uJesu Kristu uyaphila kuze kube phakade. Siphe khona, Nkosi. Yizwa umkhuleko wethu.

²⁴² Lena yimpokophelo yethu yokuba lapha, Nkosi. Futhi Uyazazi izinjongo enhliziyweni yethu. Futhi ngakho sikhulekela ukuthi Uzokwemukela, Baba, njengoba sicela lesisibusiso eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁴³ Manje, ngokushesha ngempela. Manje, asinalo iwashi elikhulu. Yimuphi kini bafowethu? Ngiphule iwashi lami. Futhi sikhathi sini na? Ngitshele nje. [Umfowethu uthi, “Isikhombisa emva kweleshumi.”—Umhl.] O, ngileyithi ngokwedlulele. Kusasa nguMgqibelo. Ngiyaxolisa. Ngibone ababili noma abathathu besukuma, ukuba baphume, futhi ngi—ngiyazi ngihlale isikhathi eside. Lokho bekuyi...He, ningabantu abakahle kabi! Ngiyakuzonda nje ukucabanga ukuthi ngizodingeka nginishiye kulobubusuku. Lokho kuqinisile, enhliziyweni yami. Ngi...Uma ngingumzenzisi, angikwazi. Kodwa ngiyabathanda abantu.

²⁴⁴ Ngenkathi ngisengumfana omdadlana, ngikhululiswa, akukho muntu owanginakekela. Akukho muntu owayengithanda. Futhi ngajoyina ibandla, ngagcotshwa, ibandla iMissionary Baptists. Ngangihlala njalo nginomqondo wokuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu. Futhi ngangithi ukuba ngohlukile, ukusho, lapho.

²⁴⁵ UDkt. Davis wayevamise ungitshela, “Billy, uyophenduka ube ngumgqingqiki ongcwele,” nakho konke lokho.

²⁴⁶ Kodwa, noma kunjalo, ngakholwa; uma uNkulunkulu wayelokhu enguNkulunkulu, Usenguye uNkulunkulu. Futhi nje ngi...Izinkolelo zami zangihola ngaleyondlela, ngoba ngangikubonile Lokho ngenkathi ngisengumfanya. Nabaningi benu uyifundile incwadi yami, umlando ngempilo yami, nezinto. NoNkulunkulu, iZulu, uyazi ukuthi kuqinisile. Futhi ngangazi ukuthi kukhona into ethize lapho. Ngangikwazi

ukuYibona, lokho kuKhanya. Kwakhulumka kimi, futhi kusukela ngisengumfana omncane oseyingane, futhi ngangazi ukuthi kwakuqinisile.

Futhi wangitshela, wathi, “O, waba nephupho nje.”

²⁴⁷ Ngathi, “Uma kungaleyondlela, ngizovele nje ngiliyekе ikhadi lami lenhlanganyelo.”

²⁴⁸ Wathi, “O, ungacabangi ngaleyondlela. Kodwa,” wathi, “uzokunqoba, Billy.”

²⁴⁹ Kodwa angikakunkobi, namanje, futhi ngethemba ukuthi angikwenzi neze. Yikho lokhu. NoPetru wathi, ngoSuku IwePhentekoste, “*Lokhu yiLokho.*” Uma *lokhu* kungesikhо Lokho, nje mangigcine lokhu kuze kufike Lokho-ke, ngoba ngyiyakuthanda *lokhu*. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzovumela wonke umuntu azizwe kanjalo.

²⁵⁰ Futhi, bangani, nginitshela okuyiQiniso. Kuze kube manje... Nakhu kubekwe leliBhayibheli. Angizange ngilivale, namanje. Ngakho ngisize, naleliBhayibheli phezu kwenhliziyo yami, ukuthi nginitshela iQiniso eliqotho.

²⁵¹ Futhi ngyiyakholwa ukuthi nguJesu Kristu, esimweni sikaMoya oNgewe, niyabo, uNkulunkulu uMoya oNgewe ehla ngeGama likaJesu Kristu, ukuqinisa ukuthi sisezinsukwini zokugcina; noMoya waKhe usemhlabeni, phakathi kwabantu baKhe. Nalokho kuKhanya phezulu lapho, ngyiyakholwa, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi leyo yiNsika yoMlilo efanayo eyaholela abantwana bakwaIsrayeli ehlane. Ngyiyakholwa ukuthi YayiYileyo efanayo eyayiphezu kukaJesu Kristu, efanayo ngenkathi Emuka. Futhi yileYo efanayo eyakhipha amehlo kaSawulu, endleni eya eDamaseku, ngenkathi ememeza “Nkosi, UnguBani na?” Futhi Wayesethi, “NginguJesu,” Niyabo? Ngikholwa ukuthi yinto efanayo. Yenza imisebenzi efanayo.

²⁵² Ngakho, bekungeke kwaba yimi. Cabangani nje, ngi... Anginayo ngisho nemfundu yebanga lesihlanu. Angazi lutho ngayo, awu, noma iyiphi—noma iyiphi imfundu, akungaphezu nje kokuthi nje ngingafunda iBhayibheli. Kodwa ngiyaMazi.

²⁵³ Omunye wathi, kungekudala, wathi, “Mfowethu Branham, awulazi iBhayibheli lakho.”

²⁵⁴ Ngathi, “Kodwa ngyiamazi uMqalisi kahle kakhulu. Futhi Uzo—Uzongazisa iNewadi yaKhe, njengoba Efuna ukuYembula kimi.”

²⁵⁵ Futhi akukaze nakanye ukuba leyoNgelosi yeNkosi, ime lapho, ike ize nakanye ingitshele noma yini ngaphandle kwalokho okwabuyela ngqo eBhayibhelini futhi kwakufakazisa ngeBhayibheli. Uma kwake kwangitshela noma yini eyayiphambene neBhayibheli, ngangingayikholwa. LeliBhayibheli yilo kuqala. Noma yiluphi uhlobo IweNgelosi, kumbe noma yini enye, ebingafakaza noma yini ephambene

naleliZwi, ningayilaleli; angikhathali ukuthi ibonakala ingeyangempela kanjani. *Lena iqinisile. Ihlala njalo iqinisile.*

²⁵⁶ UJoseph Smith wabona—wabona ingelosi. Manje, angi—angilingabazi lelozwi lendoda, nhlobo. Kodwa into yakho kwakungukuthi, kwakuphambene neZwi. Niyabo? Ngini—ngi... Kufanele kube yiZwi. Ngikholwa ukuthi indoda yayiyindoda elungileyo, impela, neqotho. Kodwa ngi...

²⁵⁷ Le ekhuluma lapha, ifanele... Akufanele kube noma yini ephambene naleliZwi. Kufanele kube kahle neZwi.

²⁵⁸ Futhi ngakho ngisize, anginaso isikhathi sokuhlala lapha, ukuba nginitshele, futhi ubusuku nobusuku. Kodwa izinto enizibona zenziwa, ngingakufakazisa ngemibhalo. Uma nithatha amateyipu, niyakwazi, ukuthi kuyaphindaphinda futhi, kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni. Kukhomba impela kulomuthi woMlobokazi, lelihora, uMoya ofanayo ubuya futhi, nesithelo sikaMoya oNgcwele sibonakaliswe, “ukubuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuye ekuKholweni kobaba futhi.” Kuyinto efanayo nje ncamashi, yonke indawo eBhayibhelini, kubikezelwe ukuba kube lapha. Futhi silapha. Masinya emva kokwehla kombhaphathizo, nezinto ezinjalo, kuzofanele kube khona ukubuyisela ngezinsuku zokugcina.

²⁵⁹ Futhi, bantu, ningakuhlehlisi, bukani le phandle lapha enkathini ezayo. Ngokuvamile kwedlula ngqo ngale phezu kwekhanda lakho, futhi ku—kukugeje. Lungela. Uma kungumBhalo, kubambe. Uma kungesiwo umBhalo, kushiye kanjalo. Niyabo? Kodwa, ngakho ngisize, kungumBhalo. Niyabo, yilokho Akwenza ngezinye izinsuku. Uma Efana namhlanje, Uzokwenza okufanayo.

²⁶⁰ Manje, ngikholwa ukuthi uBilly Paul unikeza amakhadi omkhuleko. Unikezelile na? Unikezele maphi namhlanje na? Sineningi lalokho. Ehhe? UB, owokuqala kuya ekhulwini. Awu, asiqale. Besikuphi na? Besikowokuqala nowokugcina, kwabanye, nokwedlulela lapho. Bekungenjalo yini lokho. Asiqaale emuva ekuqaleni, kulobibusuku, ngoB, uB, amakhadi omkhuleko anoB. Futhi asiqale e, awu, asiqale nje kwelokuqala, ngoba sizobathola bonke, empeleni. Kulungile.

²⁶¹ Elokujala. Ubani onoB, wokuqala, phakamisa isandla sakho. Lelinenekaza na? Woza ngapha manje. Uma u...ku...

²⁶² Ngibona inenekazi elilodwa lisesihlalweni esinamasondo lapho. Futhi uma lona, uma ikhadi lalo libizwa, uma linalo elilodwa, khumbulani, nje nililethe nilenyusele ngqo emsamo. Niyabo? Kulungile.

²⁶³ UB, wokuqala. Owesibili? Owesibili? Ubani onoB, wesibili na? Ngabe owalo owesibili na? Manje, okeyi, umzuzu nje. Umzuzu nje, sizokufaka emgqeni, masinya nje uma sesikubiza. Kulungile. Owesibili, ubani onaye na? [Umfowethu uthi, “Khona phansi lapha, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Kulungile.

Ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa. Usemvā kombhobho. Ngapha, nenekazi. Owesibili.

Owesithathu na? Kulungile, nenekazi.

²⁶⁴ Owesine? Ikhadi lomkhuleko lesine, ubani onalo na? Elesine. Mhlawumbe . . . Yini lokho ngeSpenishi na? [abantu abaningana bathi, "Cuatro."—Umhl.] Cuatro. Ngiyazi angikushongo kahle. Yinye kuphela indlela engi . . . Igama elilodwa kuphela engingalisho ngeSpenishi, "Oiga." Ngiyakhumbula abantu abayizithulu babevamise ukuthi, "Oiga," futhi nithi, "Sí." Kulungile.

Elesine. Usephakathi vele, elesine.

²⁶⁵ Elesihlanu, ikhadi lomkhuleko lesihlanu? [Umfowethu uthi, "Emuva."—Umhl.] Le ngemuva. Kulungile, inenekazi emuva lapha.

²⁶⁶ Umfana wehlisa lamakhadi manje, futhi unikeza lawa. Uwenyusela phambi kwenhlangano yebandla, awaxubanise onke, bese nje ekunikeza ikhadi lomkhuleko. Akunandaba ukuthi ukuphi noma ungebani, uyalithola. Manje-ke omunye angahle athole elokuqala, omunye eleshumi nanhlanu. Omunye . . . Bese kuthi-ke abakazi namanje ukuthi sizobiza kusukela kuphi. Niyabo? Futhi ngakho nje ngivele ngize lapha, nanoma yikuphi lapho esibiza khona.

²⁶⁷ Lelo elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa. Elesithupha, phakamisa isandla sakho uma unalo, elesithupha. Kuhle. Isikhombisa, elesikhombisa? Kulungile. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane. Eleshumi nane?

²⁶⁸ Manje, awume kancane, ngibone ababili. Ngiyaphosisa. Ngowesilisa nowesifazane beya ngakwenye indlela. Ngicabange ukuthi bekusukunywa, ukuba benyuke.

²⁶⁹ Ake sibone, eleshumi nambili. Eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Eleshumi nanhlanu? Eleshumi nanhlanu? Eleshumi nanhlanu.

²⁷⁰ Awu, a—asiqale kulaba, ngoba sizobathola bonke. Sibathola bonke, iNkosi ithanda, ngesikhashana esincane nje. Kodwa nje . . . Asilinde nje imizuzu embalwa size si—sikwazi ukuthola ukuthi ngabe si—singalithola noma qha. Kulungile, wonke umuntu uzizwa ekahle.

²⁷¹ Manje, bangaki phakathi lapha ongenawo amakhadi omkhuleko na? Asibone izandla zenu. Kulungile. Manje hloniphani ngokuzithoba. Bhekisisani ngapha. Khulekani. Manje, khumbulani, lona ngumhlangano wethu wokugcina. Manje asihloniphe ngokuzithoba ngempela. Bhekisisani ngapha.

²⁷² Manje, besalungiselela lowomugqa womkhuleko laphaya, asisho lokhu. Asiye emuva eminyakeni embalwa. Ake sibone

iNkosi uJesu ngesinye isikhathi, emva kokuba Isiwele ulwandle. Yaphumela ogwini ekuseni, iphuma esikebheni, futhi Yayenyukela ezweni. Nowesifazane omncane owayenomopho, wayengenakhadi lomkhuleko.

²⁷³ Ake nisho, ngikholwa ukuthi si...Kukhona ocishe amalambu. Ngabe lokho okwenhloso ethize, noma ini na? Noma lizicishela ngokwalo na? Ngabe ba...Ngabe lokho kungokokuba sihambe na? [Umfowethu uthi, “Qhabo. Kukhona into eyenzeke ngapha.”—Umhl.] O, okunye, okunye... O, ayabuya. Kukhona owenze iphutha, ngaphandle, futhi waphendula iswishi. Kulungile.

²⁷⁴ Qaphelani manje iNkosi yethu uJesu. Manje, bangaki okuqondayo lokhu na? Asizami ukuba sithi siyiNkosi uJesu. Noma ubani uyakuqonda lokho. Kulungile. Singabafowenu. Niyabo? Siyizinceku zaKhe. Kodwa, yisiphiwo nje, ukuba uzinikele wena uqobo.

²⁷⁵ Manje bhekisisani lokhu. Nanka amadoda a—a—a—angosiyazi bezenkolo, amadoda aeqeqeshiwe eZwini. Manje, bazalwane, uma nonke niqala ukushumayela umlayezo, uma nje uqala ukuwuphakamisa, qobo lwakho, akusizi ngalutho. Uyasiza na? Kodwa uma uthola ukuphefumulelwa, wena—wena, Uvele nje ngandelela thize nje wehla. Awazi ukuthi uzothini. Kunjalo na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] Lokho ngukushumayela ngokuphefumulelwa, niyabo. Lowo nguMoya oNgcwele. Manje, mina, angisiyo ingcweti yokukhuluma ngokwenele ukuba ngenze lokho, ngaleyondlela. Niyabo?

²⁷⁶ Kodwa, manje, owami oyikho, yisiphiwo nje, ukwazi nje ukuthi kukanjani, njengokuthi, ngidonse isigwadlulo, bese nje uzidedise wena uqobo endleleni. Futhi nje kungukuzinikela okupheleleyo. Ngeke ngakuchaza. Akukho muntu ongachaza uNkulunkulu. Ngeke nganitshela ukuthi kanjani, ukuthi kwenzekani, nokuthi kuqhubebekani. Ngazi nje ukuthi yisiphiwo esincane. Futhi nje nginendlela yokuzigudluza mina nje endleleni. Bese kuthi-ke, khona manjalo, ngiqala ukuzwa into exakile, emmandi, ethobile. Futhi, ngibuke, ngiyakubona lokho kuKhanya kushaya indingilizi. Khona-ke ngiyazi kuqinisisile. Yingalesosizathu ngilinda. Bese kuthi-ke uma omunye eyokhuluma...

²⁷⁷ Yingalesosizathu nginomunye phezulu lapha, othi akafane kakhulu nomyengi, niyabo, ukuthola umuntu oyedwa okhishwayo, ukuze ngixoxe nabo. Bese kuthi-ke uma uMoya oNgewelete uqala uhamba phezu kwalomuntu, khona-ke kuqala ukubamba izethameli. Bese kuthi-ke izethameli ziqale uku—ukumangala, bese-ke ziqala ukuthola ukukholwa. Manje-ke, noma ngabe ubani onokukholwa, khona-ke uqala ukukuzwa *lapha, lapho*, ndawozonke-ke. Niyabo? Bese-ke nje...Nakho, kuyakufakazisa nje.

²⁷⁸ Manje, khumbulani, kungenzima ngempela, into evithizanayo. UJesu wayeshumayela usuku lonke; akuMkhathazanga. Kodwa ngenkathi lowo wesifazane omncane ethinta ingubo yaKhe, futhi waphuma futhi wahlala phansi, kwakhipha amandla kuYe. Kunjalo na? Awu, noma ubani uyazi ukuthi amandla ngukuqina. Awu, uma kwakwenza lokho eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yintombi, kuyokwenzani kithi njengezoni ezisindiswe ngomusa waKhe na? Niyabo? Niyabo?

²⁷⁹ Shumayela, ungakwenza lokho ubusuku bonke, ngeke kwakukhathaza. Kodwa ake nje umbono owodwa wenzeke, niyabo, kuyinto ethize, futhi kukwelinye izwe. Ubona abantu mhlawumbe ngenkathi babesengabantwanyanyana, noma into ethize. Futhi ufanele ukhulume usheshise; ngoba, uyazi umi lapha, kodwa nokho ukwenye indawo, le emuva kwenye indawo, ukhuluma. Bese kuthi-ke uma uphuma kukho, awazi ukuthi utheni uze ukulalele eteyipini. Niyabo? Futhi akusibo ubuntu. Akusuye umuntu. Yilokho kuphela. NguNkulunkulu. Kuhlala njalo kuqinisile. Futhi Wakwethembisa lokho. Niyabo? "Ezazi izizindlo zabo," iBhayibheli lathi yilokho Akwenza. Kubize noma ngabe yini ofuna ukukubiza ngakho, kodwa iBhayibheli lathi, "UJesu wazazi izizindlo zabo."

²⁸⁰ Manje, ngifuna nikholwe. Manje, kuqala, ngifuna nikubone lokho, niyabo, manje, njengokuphilisa. Siyazi ukuthi uMoya oNgeweule ulapha. Futhi ngiyakholewa ekubekwesi izandla.

²⁸¹ Omunye umuntu, o, ugtxumele kimi, othi ukuba nendluzula, ngalokho, kulokhu kusa. Wathi, "Ayikho into enjalo njengabantu bebeka izandla phezu komunye nomunye. Akufanele kwensiwe."

²⁸² Ngathi, "Awukalifundi nje iBhayibheli, mfowethu. Yilokho kuphela." Ngathi, "Ukuthunywa kokugcina, okwawa ezindebeni zikaJesu Kristu, kwakungukuthi, 'Nibeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda,'" amaZwi okugcina Awasho, ngenkathi Eshiya umhlabo.

²⁸³ Ukuthuma kwaKhe kokuqala, Akunika abafundi baKhe, kwakungukuthi, "Niphilise abagulayo, nihlanze abanochoko, nivuse abafileyo, nikhiphe odeveli," iqembo lokuqala Aliqalisa uhambo, uMathewu 10.

²⁸⁴ Neqembo lokugcina Aliqalisa uhambo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela, bakholwe. Bayokhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; baphuze okubulalayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Lokho ngamaZwi okugcina Awasho, futhi wemukelwa phezulu eNkazimulweni. Impela. Lokho ngukuthunywa okukhulu. Ukuthi kwenzani, angazi. Kungukuqhuba nje lokho Athi akwensiwe.

²⁸⁵ Kodwa lapha, nonke, ngiqagele, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye enu, angamakholwa, noma ngaphezulu. Ningamakholwa, futhi ninalo kakhulu impela nje ilungelo lokubeka izandla phezu kwabagulayo njengoba ngenza, noma abelusi benu enza, wonke umuntu. “Nibeke izandla,” amakholwa, “lezizibonakaliso ziyakulandela.” Hhayi “abefundisi,” kodwa wonke umuntu okholwayo. Nine lungelo, wonke umuntu.

²⁸⁶ Njengoba ngishilo, akukho madoda amakhulu, namadoda angcwele. Awekho. Asi, noma yimuphi wethu, ngcwele. SinoMoya oNgcwele kithi, kodwa asingcwele. Kungukuthi, NguYe ongcwele. Niyabo? Ngubungewe baKhe; hhayi obami, hhayi obakho. ObaKhe!

²⁸⁷ Kodwa, lapha, asivale nje imiqondo yenu kuyo yonke into manje, okwemizuzu eyishumi nanhlanu elandelayo. Futhi manje, lamadoda ahlezi lapha, eqalaza.

²⁸⁸ Nangu owesifazane emi phambi kwami. Angizange ngimbone empilweni yami. Mayelana... Ngabe siyizihambi omunye komunye, nenekazi na? Nimzwile, ukuthi utheni na? Uke waba semihlanganweni yami, isikhathi esiningana, kodwa akazange abenalo ngisho nethuba lokuba athi, “Sawubona?” kimi. Niyabo? Ngakho-ke, angimazi owesifazane. Umi lapho. Ulapha ngenye imbangela. Manje, nje asi—nje asicabange manje. Thathani uJohane oNgcwele, isahluko se 4, ngenkathi uJesu ebonana nowesifazane.

²⁸⁹ Manje, khumbulani, Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.”

²⁹⁰ Manje, nangu owesifazane nowesilisa, bebonana okokuqala empilweni. Manje, lokho kuqinisisile. Nakhu lapha esikhona. Nanti iBhayibheli likaNkulunkulu. Nakhu kumi owesifazane. Nakhu ngimi. Angikaze ngazi, ngize ngimbone owesifazane empilweni yami, ngiyazi. Yilokho kuphela engikwaziyo, ngukuthi, umi lapho. Namhlanje ubephandle lapha ndawondawo, futhi omunye umuntu umnika ikhadi lomkhuleko, nenombolo yakhe iyabizwa, futhi nangu umi. Yilokho kuphela.

²⁹¹ Kunabanangi khona lapho. Izolo ebusuku sithathe nje labo abebengenawo amakhadi omkhuleko. Bangaki obelapha ukubona lokho na? Niyabo, ikhadi lomkhuleko alihlangene ngalutho nakho. Niyabo? Ngukukholwa kwakho okuhlangane nakho.

²⁹² Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, ungaraphilisa abagulayo na?” Akukho muntu emhlabenzi ongaphilisa abagulayo. Sebevele baphilisiwe. Uzofanele nje wenze bakubone, bakukholwe.

²⁹³ Manje, uma uJesu Kristu ezofika enkundleni futhi asebenze ngalowo wesifazane nami! Manje, uma kusebenza ngami

futhi kungabi ngaye, ngeke kusebenze. Kuzofanele kube yithi sobabili, kanyekanye. Niyabo?

²⁹⁴ Kufana nawe. Uma unokukholwa, kukholwe, khonake, ubone, kusozebenza phakathi kwethu. Uyabo? Ngukukholwa kwakho nokukholwa kwami. Ngiyakukholwa. Uma uzokukholwa nami nje, khona-ke sizobona amaZwi nezithembiso zikaKristu zigcwaliseka.

²⁹⁵ Manje, uma noma ubani ekholwa ukuthi kuliphutha, futhi ukholwa ukuthi ungenza into efanayo, ngikumemela emsamo. Uyabo? Ngakho, manje-ke, ungasho lutho ngakho.

²⁹⁶ Manje, woza lapha, nenekazi, yima lapha nje. Manje, ngifuna ukukukhipha, ngoba kunokukholwa okuncinyane impela. Futhi ngifuna nje ukuxoxa nawe umzuzwana, njengoba iNkosi yethu yaxoxa nalowo wesifazane. Manje, ngingakwazi, ngingakaze ngikubone empilweni yami, futhi uyisihambi uqobo kimi. Manje, uma iNkosi uJesu izovele nje yenze okuthize lapha, njengoba Yenza ngenkathi IseBhayibhelini, usuku lweBhayibheli, ngabe kungasenza sizizwe sijabule, futhi—futhi singaya ekhaya na?

²⁹⁷ Njengalabo aba, ngoluny'usuku, Wayese... Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, Wayese... Abanye abafundi wayesendeleni eya eEmawuse. Uyakukhumbula, mfowethu na? Endleleni eya eEmawuse, futhi—futhi bahlangana neNkosi uJesu futhi baxoxa naYo, usuku lonke gulukunqu, futhi babengaMazi. Kodwa Esebafake ngaphakathi, ngalobobusuku, futhi wavala iminyango, Wenza into ethize nje efana ncamashi njengoba Enze ngaphambti kokubethelwa kwaKhe, futhi bazi ukuthi lowo kwakunguYe. Bangaki oyikhumbulayo indaba na? Impela. Bazi ukuthi kwakunguye, ngoba akukho muntu omunye owakwenza ngaleyondlela. Namehlo abo avuleka, Wayesenyamalala kubo.

²⁹⁸ Manje, Uyaphila kulobibusuku. Manje, uma Ephila, khonake Uzokwenza okufanayo namhlange njengoba Enza ngaphambti kokubethelwa kwaKhe, kufakazisa ukuthi Uvukile. Kunjalo na?

²⁹⁹ Manje, Akanazandla kulobibusuku kodwa izandla zami nezandla zenu. Unamehlo kwawami nawenu. Yilokho Akusebenzisayo. UngumVini. Thina singamagatsha. Ngabe kunjalo bazalwane na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] NomVini awutheli isithelo. Igatsha lithela isithelo, lifakwa amandla ngumVini. Kunjalo na? Futhi uma lelogatsha lokuqala eliphuma kuluwomVini wasePhentekoste, laloba incwadi yeZenzo, uma lowomuthi uke uveze elinye igatsha, liyoloba enye incwadi yeZenzo. Isizathu, a—aliyikuveza ithanga, bese-ke kuba yikhabe, bese-ke kuba yiphomegranathi. Liyoveza isithelo esifanayo, ngasosonke isikhathi, ngoba NgukuPhila okufanayo kuhamba ngomVini. Manje niyaqonda na? ["Amen."]

³⁰⁰ Manje, eGameni likaJesu Kristu, waleliBhayibheli, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babephansi kokulawula kwami, odumweni nasen kazimulweni kaNkulunkulu.

³⁰¹ Manje, uma unggumgxeki, ungabe usahlala isikhathi eside. Sekuyisikhathi sakho sokuba uhambe, ngoba, khumbula, imimoya emibi usuka komunye uye komunye. Futhi abanangi lapha, oke waba semihlanganweni, uyazi ukuthi kwenzekeni. Uma u...Hlala uthule du. Uma ungesuye; uma kwenzeka noma yini, kuzoba ngumthwalo wami.

³⁰² Manje, nenekazi, manje khona into ethile eyenzekile. NguBukhona baKhe. Manje, uma iNKosi uJesu izokwembula kimi into ethize oyenzile, into ethize ofuna ukuyenza, into ethize onayo noma ongayenzanga, noma obufanele uyenze, noma into ethize ngawe, uzokwazi.

³⁰³ Njengoba nje Asho kuSimoni, Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase." Wamtshela igama lakhe. Wakukholwa. Owesifazane, Wamtshela, "Uno—nomopho" Wanqamuka. Futhi Wayene...noma njenge...Awu, into ethize Ayeyitshela omunye umuntu, ukuthi into ethize yayingalungile ngabo, njengokuthi, owesifazane wayenamadoda amahlanu.

³⁰⁴ Enye into ethize, into nje efana naleyo, niyazi bekungaba uJesu Kristu. Niyakukholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Bekungadingeka kuvele emandleni angaphezu kwemvelo. ["Impela. Ngiyakwazi."] Wena, uyakwazi lokho. ["Ngiyakwazi lokho."] Kulungile.

³⁰⁵ Manje, manje, uma noma ubani engabona, ukuKhanya kumi phakathi kwami nowesifazane. Unokukuzwa nje impela. [Udade uthi, "NgiyaKubonga, Jesu."—Umhl.] Angimazi owesifazane. Kodwa nje mbuzeni lokhu. Lalelani lokhu. Manje nje, into enjengokuzwa okumnandi ngempela ifika. Uma lokho kunjalo, sukuma. Uyabo? Kungakuye nje ngqo. Awukuboni Lokho na? Kukwelinye izinga. Uyabo? NgiKubuka ngqo. Manje, njengoba ngiqaphela wena, uyikholwa. Futhi u—uyagula. Ya. Enye yezinkathazo zakho ezinkulu, ingukuthi, ukuthi, wena, ushaywa wuvalo ngempela. ["Yebo."] Nangalokhu ukwethuka, sekukubangele ukuba ube ne—nebhiphi. ["Yebo."] Kunjalo impela. ["NgiyaKubonga, Jesu."] Uyabo? Ya.

³⁰⁶ Seniyakholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, ukubona nje manje, lokho nje ku—nje aku...Niyabo, ngingathatha nje lowo wesifazane oyedwa futhi ame lapha, ngiqhubeve nje ngikhulumha ngakho. Kodwa, niyabo, khona abanye abalinde emgqeni. Niyabo? Abanye uzofanele eze. Ngakho, uyabo, konke akuzukuba kumuntu oyedwa. Uzofanele ube nomunye futhi.

³⁰⁷ Kodwa, manje, ninga—ningathanda ukubona uma uMoya oNgcwele uzomtshela okunye okuthize na? Ningathanda na?

Phakamisani izandla zenu nje futhi nithi, “Kungangisiza kakhulu.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁰⁸ Kunganisiza na? Kulungile. Ake sibone. Angazi ukuthi Unitsheleni. Into kuphela engiyaziyo, kuzoba seteyipini. Manje, umzuzwana.

³⁰⁹ Ngibhekeni nje futhi nikholwe. NjengoPetru nje noJohane bathi, “Sibheke,” lokho, ngamany’amazwi, “sinake.” Niyabo? “Futhi njengoba Wabona ukuthi babenokukholwa.” Futhi ngiyazi ukuthi ninokukholwa.

³¹⁰ Futhi manje, yebo, ngiyabona kuyinto ethandele ingalo yakho. O, yibhiphi. Udukotela ufake into ethize ethandele ingalo yakho. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Ehhe. Futhi wathi, “Unebhiphi.” Futhi kunenye into. O, ngiyababona. Bazolungiselela eny’into, ukwenza . . . O, ngukuhlinzwa. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ulungiselela ukuhlinzwa. [“Kunjalo.”] Nalokho kusenkathazweni yabesifazane. Nalokho kuzoba sezinsukwini ezithi azibe mbili kusukela manje. Kunjalo. [“Leliviki elizayo.”] Kunjalo.

³¹¹ Manje, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini? Niyabo? Lokhu ngiqhubeka ngilitshela nje, ngilokhu ngiqhubeka ngikhulum naye, okuningi kuyaqhubeka. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo?

³¹² Manje, akusimina. Buzani owesifazane ukuthi ngabe kuqinisiile noma qha. Mbuzeni, noma ubani omaziyo. Niyabo?

³¹³ Bheka ngapha futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungebani na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kungakusiza na? [“Ngiyazi Angakwenza.”] Nkk. Dorns, usungaya ekhaya manje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Ya. Uyabo?

³¹⁴ Seniyamkholwa uJesu Kristu manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Mhlampe siphakamisa izandla zethu nje futhi siMkhonze-ke. UNguNkulunkulu.

³¹⁵ Baba waseZulwini, siyaKubonga ngalokhu. Siyakhuleka manje, ukuthi Uzovumela abantu babone, ukuthi singaba nobufakazi, ukuthi, uJesu ofanayo. Singafakaza ekuseni, ukuthi, siMbonile. Ubelapha nathi kulobubusuku, ngesimo sikaMoya oNgcwele. SiyaKuthanda, Nkosi Jesu. Yenza bonke abantu babone futhi bakholwe. Siyakhuleka, Nkosi, eGameni likaJesu. Amen.

Manje, hloniphani nje, hloniphani ngokuzithoba, futhi nihloniphe.

³¹⁶ Manje, manje, lelinenekazi elimi lapha. Manje, ngabe si . . . Siyazi . . . asazani, ngiyethemba, siyazana yini, nenekazi, inenekazi elimi phambi kwami na? Awungazi. Awungazi. Angikwazi. [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Kodwa alikaze lingibone empilweni yalo. Kulungile. Manje, ngabe . . .

³¹⁷ Nisakhola yini, wonke umuntu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hloniphani ngokuzithoba nje. Hloniphani ngokuzithoba nje impela. "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Amen.

³¹⁸ Ngibone into ethize yenzeka. Ngizolinda umzuzu nje. Kulungile. Manje bheka ngapha, umzuzu nje, dade, wena omi lapha emsamo. Uma ngingakwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, uma Ezongivumela ngazi into ethize ngawe, o—oyaziyo. Uma ngingazi luthi ngawe, uyisihambi nje kimi. Kodwa uma Ezokwembula into ethize kimi, owaziyo ukuthi ngabe iqinisile noma qha, ungfakaza kulokho, uma iqinisile noma iyiphutha.

³¹⁹ Kodwa, wena, enye yezinkathazo zakho ezinkulu, nenkathazo yakho enkulu ingukuthi, ukuthi, isimo sokwethuka. Uyakhathazeka, osekukumike inkathazo yesisu. Unenkathazo yesisu nesimo sokwethuka. Nesimo sokwethuka sikunika inkathazo yesisu, okubangela ubumuncu phansi e—ekugcineni kwesisu. Yisilonda emgudwini wokugayeka kokudla phansi ngqo ekugcineni kwesisu. Ugrisi nezinto ukwenza utshokoze izinto. Bese kuthi—ke ngikubona udeda kokuningi ukudla etafuleni. Lokho kunjalo impela.

³²⁰ Futhi ube nokukhulu ukwethuka okusanda kufika kuwe nje. Ube nokudabuka. Ngukuwa. Ngumyeni wakho, osanda kushona nje. Kukwenze wethuka. Kunjalo. Akunjalo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngikhola ukuthi uzophila manje. Hamba, udle ukudla kwakho kwakusihlwa. UJesu Kristu usekuphilisile.

³²¹ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa nje kuNkulunkulu. Yilokho kuphela. Niyabo?

³²² Manje, lelinenekazi lapha, ungabheka ngapha umzuzwana nje na? Siyizihambi omunye komunye. Asazani, kodwa uJesu Kristu usazi sobabili. Awu, manje, uma iNkosi uJesu izokwembula into ethize njengoba Yenzile, yathi kowesifazane, "Unamadoda ayisihlanu," futhi u—u...noma, "Unethumba, isilonda, umdlavuza; unezinkathazo zasekhaya," kumbe noma ngabe kuyini, uyazi bekuzodingeka kuvele kuNkulunkulu, ubungeke na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyabo, Watshela lowo wesifazane nje into eyodwa, nomuzi wonke waphenduka.

³²³ Futhi Nangu, enza okuningi manje, ngokuba Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, neminingi kinalo niyakuyenza." Ngiyazi iKing James ithi "emikhulu kuna," kodwa iEmphatic Diaglott ithi "eminingi kuna." Besingenze noma yimiphi emikhulu kuneminye; Wamisa imvelo, wavusa abafileyo. Beningenza nje eminingi yayo, niyabo, ubuningi esikhundleni sobunjalo.

³²⁴ Uyagula, futhi, unesimo sokwethuka. Unenkathazo yamanenekazi, okungukungahambi kahle kwabesifazane. Unenkathazo yesisu futhi ekuhluphayo. Kunjalo. Uyakholwa

ukuthi Angakuphilisa na? Uyakhola Uzokwenza na? Unomuntu othize enhliziyweni yakho, awunaye na? Indoda yakho. Ayikho lapha. Uyakhola ukuthi ngingakutshela ukuthini. Uma uJesu ezokwembula ukuthi yini engalungile ngendoda yakho, uzongikhola ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Inokwethuka ngempela, futhi sekuyibangele ukuba ibe nenkathazo yendlala engasesinyeni. Kunjalo. Akunjalo na? Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa nje, ngayo yonke inhliziyo yakho.

³²⁵ Lapha, umzuzu nje. Kukhona into eqhubekayo. Yebo. Nansi. Ngunyoko. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Lowo nguye, ehlili emuva ngqo lapho, ekugcineni kwesihlalo. Unesifo seParkinson isifo esiqhubekela phambili somgudu wemizwa esihlasimulisayo. Futhi uyamkhulekela. Lokho akunjalo na? Nkk. Harris, lelo yigama lakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, bese ubuyela emuva. Ubeke izandla zakho phezu kwendoda yakho, umama wakho, futhi asinde, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

³²⁶ Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Niyamkholwa uNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, ngicabanga ukuthi sifanele siMkhonze nje. Anicabanga kanjalo na? ["Amen."] AsiMdumise nje, sithi, "NgiyaKubonga, Nkosi ethandekayo."

³²⁷ Baba waseZulwini, siKubonga kakhulu, siKudumisa! Malibongwe iGama leNkosi uJesu Kristu. SiKunika inkazimulo, ukuhlonishwa, ukubonga, nodumo, namandla, eGameni likaJesu. Amen.

³²⁸ Yibani nokukholwa. Ningangabazi. Kholwani nje ukuthi uNkulunkulu akukhulumile kuyiQiniso. Yilokho kuphela enifanele nikwenze. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi nibhekisise ngapha.

³²⁹ Manje, nansi indoda. Siyizihambi komunye nomunye, kodwa uJesu Kristu usazi sobabili. UyaMkholwa na? Uyangikhola ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokholwa.

³³⁰ Manje, ngenkathi uJesu ehlangana nendoda, kwaku, ukuthi esiMthola enza isimangaliso kuyo, yayinguSimoni. Kwakungesuye na? Leyo kwakuyindoda yokuqala Ahlangana nayo. Kulungile. Watshela uSimoni ukuthi igama lakhe wayengubani.

³³¹ Manje, iNkosi ingisize ukuba ngazi into ethize engalungile ngawe, ukuthi yiyo. Yebo, sengiyayibona manje. Yinkathazo yamathumbu: inanzi. Yinanzi ekhukhumele. Awusuye owala, futhi. Uvela eNtshonalanga *ngapha*. Uvela eCalifornia.

³³² Kukhona ohamba nawe. Unekhadi lomkhuleko, ukuba akhulekelwe, kulobibusuku. Uhlezi khona lapho manje. Ungumngani wakho. Futhi uphethwe yisimo sokwethuka, njengokwehluleka kwemizwa. Uyakhola ukuthi uzophiliswa

na? [Umfowethu uthi, “Haleluya!”—Umhl.] Kanjalo nami. Uyakholwa manje ukuthi uJesu angangitshela ukuthi ubani igama lakho na? Mnu. Hamby. Manje-ke, buyela emuva, ubeke izandla zakho phezu komngani wakho. Futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi nobabili ningabuyela emuva futhi nisinde, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

³³³ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje khulekani. Kungiqede amandla nje. Futhi kuwaqeda manje, niyabo. Khulekani. Futhi sizoqala nje sikhulekela abagulayo manje.

³³⁴ Sawubona? Uyasikhuluma isiNgisi na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyasikhuluma.”—Umhl.] Uyasikhuluma. Uyangikhulwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? [“Ngiyakholwa.”] Yilokho iNgelosi eyakusho kimi, yathi, “Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe.” Bangakholwa mina njengaYe, kodwa bakholwe ukuthi Wangithuma. [“Yebo.”] Kungokomfanyana wakho. [“Yebo, yikho.”] Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? [“Yebo.”] Uzokukholwa na? [“Yebo, ngizokukholwa.”] Uyethuka. [“Yebo.”] Kubangelwa ngukwesaba. [“Yebo.”] Inja yamesabisa. [“Yebo.”] Kunjalo. Uzoba kahle. Mbuyisele emuva. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzoba kahle. Ngukwethuka. Ngizobeka izandla zami phezu kwakho, eGameni likaJesu. Un gesabi. Un gesabi, futhi uzokunqoba, futhi abekahle. Uyabo? Yiba nokubonga.

³³⁵ Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. “Uma ukholwa.”

³³⁶ Lelinenekazi elihlezi lapha, likhuluma komunye lapho, linaleyonkathazo yokucinana emankankeni. Esikhashaneni esedlule, leyonto ethize yenzekile kuwe, lokho ngukucinana kwakho emankankeni kuphilisiwe. Amen. Kukholwe, bese uya ekhaya manje futhi usindiswe. Ehhe.

³³⁷ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona lapho ezethamelini, niyakholwa na? [“Amen.”]

³³⁸ Ucabangani, nesandla sakho siphakeme, uhlezi khona lapho na? Uyangikhulwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Manje-ke lowombhumu ngeke usakuhlupha. Umkakho ugula kabi. Odokotela abazi ngisho nokuthi yini engalungile ngabo. Beka isandla sakho nje ngale phezu kwakhe, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Uyazi ukuthi yini engalungile ngaye. Uzosinda, uma uzokukholwa.

³³⁹ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphilisile inkathazo yenhлизио yakho, umi lapho na? Khona-ke buyela ekhaya, usinde.

Manje, uma lona kungesuye uJesu Kristu ephakathi phakathi kwethu!

³⁴⁰ Ucabangani ngakho, nenekazi elincane lihlezi lapho lingibuka ngqo, lapho ohlwini lwesibili na? Linenkathazo yesifuba. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa na? Sukuma ngezinyawo zakho bese ukwemukela-ke. Amen.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungakungabazi.

³⁴¹ Inenekazi lapho, ngilibuke ngalengama, futhi ngathi ukulizwela, ijezi elibomvu, lihlezi phekwalo. Linenkathazo yokucinana amankanka. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyakusindisa na? Ya. Sukuma ngezinyawo zakho futhi ukwemukele, futhi usinde. Amen. Yileyondlela yokukwenza. Ehhe.

³⁴² Ucabangani ngakho, uhlezi lapho, mfowethu na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela inkathazo yakho na? Ukuguliswa kwakho yimithi yokwelapha sekuhambile. UJesu Kristu uyakusindisa. Haleluya!

³⁴³ Niyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen." —Umhl.] Amen.

³⁴⁴ Hhe? Simaphi, ikhadi leshumi nanhlanu na? Ngabe yilelo obekuyilo, ikhadi lomkhuleko leshumi nanhlanu na? Basebangaki abanye onamakhadi omkhuleko phakathi lapha na? Asiqede lamakhadi omkhuleko. Zingenele wena emgqeni phansi lapha eceleni.

³⁴⁵ Ake nginkhombise. Ake nginkhombise nje ukuthi ukuphilsa akusikho okomuntu oyedwa kuphela. Ake nginkhombise ukuthi uNkulunkulu angenzani ngezinckezi zakhe ezithobile lapha. Wozani lapha, bazalwane. Angazi noma nina bazalwane ningahamba yini nehlele khona lapha, khona lapha nami. Hambani, wozani ngqo nisuke emsamo, nihamble nehlele khona lapha umzuzu. Ya. Kulungile. Sizokwenza. Sizobakhulekela khona lapha. Ngifuna abantu bakubone lokho, ukuthi uNkulunkulu usebenzisa izinckezi zaKhe. Wozani. Wozani. Nina, nina befundisi, wozani khona lapha phansi. Ngehlela lapha nani. Niyabo? Ngizonikhombisa ukuthi uNkulunkulu upholisa abagulayo ngabelusi benu. [Umfowethu uthi, "Phansi, sisuka emsamo na?" —Umhl.] Akunadaba, noma iyiphi indlela enifuna ngayo. Amen. Kunjalo.

³⁴⁶ Nonke bantu onamakhadi enu omkhuleko, yenyukelani lapha. Ningakungabazi. Kukholweni. Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu manje na?

³⁴⁷ Manje, belusi, abanye benu phansi lapho, ngifuna ngamunye wenu. Ngisakhuleka, nginifuna nonke, abanye benu yehlelani lapho, futhi niqiniseke ukuthi isandla senu sithinta wonke umuntu okulowo mugqa. Niyabo? Angikwazi ukufinyelela kubo bonke, kodwa nina ningafinyelela. Yilokho-ke. Yehlelani lapho, yibani phakathi kwabo ngqo.

³⁴⁸ Nonke nina bantu lapho, kholwani manje. Sizofika kini emzuzwaneni nje. Kholwani nathi manje.

³⁴⁹ Ngamunye wenu nonke lapha, khumbulanzi, uJesu Kristu uyanazi. Wazi impela ukuthi nicabangani. Niyakwazi lokho. Akukho namunye wenu Angezukumtshela njengamanje. Niyakubona lokho. Manje-ke Ulapha. NguYe. Akusimina. Ngingumfowenu nje.

³⁵⁰ Manje kholwani, ngisakhuleka. Ngizonikhulekela, nalababelusi.

³⁵¹ Niyabo, angifuni ukushiya idolobha, abantu bacabange ukuthi, "Awu, umvangelzi ubephakathi lapha. Wenze *lokhu*." Ngifuna nazi ukuthi umelusi wenu unegunya elifanayo. Angahle angayiboni imibono; lokho mhlawumbe kufika oyedwa esizukulwaneni. Kodwa—kodwa unegunya elifanayo elivela kuNkulunkulu, ukubeka izandla zakhe phezu kwenu. Kufana nje nciamashi.

³⁵² Manje asikhuleke sonke. Gcina ikhanda lakho likhotheme manje. Futhi ngamunye, uma uzwa ukuthi izandla zomelusi ziyakuthinta, khumbula nje, qathaza ikhadi lakho lomkhuleko, uphakamise izandla zakho, bese ubonga uNkulunkulu ngokuphiliswa kwakho, bese ubuyela emuva lapho futhi ubone ukuthi kwenzekani.

³⁵³ Baba wethu waseZulwini, sibuthene lapha manje phakathi kwalo abantu, eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla, O Jehova omkhulu oPhakade, Owaveza uJesu Kristu, iNdodana yaKho. Ngiyakhuleka manje, njengalababefundisi, izandla zikaNkulunkulu. Futhi njengoba ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu lapha, ngikhulekela ukuthi Uzohlangana nabo, Nkosi, bonke. Kwangathi amandla kaJesu Kristu angehlela phezu kwalezizethameli khona manje, njengoba labelusi bethinta lababantu. Futhi kwangathi bonke bangaphiliswa, eGameni likaJesu Kristu.

³⁵⁴ Sathane, ulahlekelwe ukunqoba. UJesu Kristu ukhona, ukugcoba lamaduku, ukuphilisa abagulayo, ukwenza umsebenzi Athembisa ukuwenza. Nathi, njengezincke zaKhe, sikuphosela inselelo, ngokukholwa kwethu uqobo ekuvukeni kwaKhe, eBukhoneni baKhe manje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, eseenza ngokomoya ngeBandla laKhe. Phuma kulo bantu. NgeGama likaJesu Kristu, bayeke bahambe. Phuma, ngeGama likaJesu Kristu.

³⁵⁵ Manje, besabeka izandla phezu kwabagulayo, uma kunesoni, noma umuntu ofuna ukusindiswa, ofuna ukwenyuka azungeze ialtare manje, olandelayo, sukuma ngqo bese uza ngaphambili manje. Silapha ukukhonzisa. Uma izisebenzi eziqondene nabantu ziza nabo, abasukumayo futhi beze.

³⁵⁶ Noma ubani ofuna ukwenyukela lapha manje enzelwe umkhuleko, woza phambili ngqo. Noma ngabe unekhadi

lomkhuleko noma qha, wemukelekile ukuba uzelapha ngqo manje, futhi ubekwe izandla. Woza manje, sisalindile.

³⁵⁷ Uma ekhona kini odingayo, odinga uMoya oNgcwele, odinga insindiso, odinga ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu, silapha, njengabefundisi bakaKristu, ukukusiza ngesikhundla sokubekwa izandla, futhi sinibona nigewaliswa ngoMoya.

³⁵⁸ Wonke umuntu ongathanda ukuba naloJesu owazi imfihlo yenhliziyo yakho! Nina bantu ongaMazi, futhi uwfa lowomuzwa omncane oxakile ngasenhliziyweni yakho, ngiyazi bakhona lapha. UMoya oNgcwele ungitshela kanjalo. Yenyukela lapha manje. Yenyukela lapha. Uma uzosukuma uphume esihlalwени sakho bese uhamba ngapha, bese uthi, “Nkosi Jesu, ngiza ngoba ngiyaKudinga, futhi ngiza ukuKwemukela,” uNkulunkulu uzokupha isicelo sakho uma ungezukungabaza. Futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi izinto ozibona khona manje yimisebenzi kaJesu Kristu! Uma uyiMethodisti, woza. Uma uyiBaptisti, iNazaretha, iPilgrim Holiness, iRoma eliKatolika, iJuda lebandla lomthetho, isoni esikhulu, umphiki-Nkulunkulu; angikhathali ukuthi ungubani. Yenyukela lapha, umkholwa uNkulunkulu, bese ubona ukuthi kwenzekani khona manje. Woza. Ngifuna ukunibona nibuthene lapha.

³⁵⁹ Ngiyakhholwa, uMoya oNgcwele, ngalesisikhathi esikhulu esibucayi, lelihora elikhulu lapho i...lapho sekwedlule ngisho nesikhathi, kodwa, nokho, ngikholwa ukuthi khona manje uNkulunkulu uzohlangabezana nesicelo sakho uma nje ungikholwa. NgiMbonile ethatha... Impela nginitshela iQiniso.

Kulungile, dade, ungehlela lapho ngqo, usindiswe. Niyabo?

³⁶⁰ Manje, impela uzongikhholwa. Nikhona nonke lapha manje odinga uNkulunkulu. Woza, ume, noma usukume ngaseceleli. Ndawondawo, yima ngezinyawo zakho nje, ube ngufakazi, uthi, “Ngiyafakaza, Nkosi,” bese kuthi-ke uma kukhona okungalungile. Yima lapho okhona. Sukuma ngqo uma u—uma udinga uNkulunkulu. Kulungile. Uma ungenakusukuma... Nakho ke. “NgiyaKudinga, Kristu.”

³⁶¹ Manje, ngiyanicela ngikholweni. Niyangikhholwa na? Niyakhholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu ekhulumka kimi na? Uma nikholwa, phakamisani izandla zenu, uma nikholwa. Ngiyabonga. Manje, ngoba niyakhholwa...Uma nginitshela iQiniso, uNkulunkulu ungfakazi, nginitshela iQiniso. UNkulunkulu ulapha, ufakazi, nginitshela iQiniso.

³⁶² Manje, nginitshela iQiniso manje. Uma nizobheka phezulu kuNkulunkulu, nangokukholwa nithi, “Nkosi Jesu.” Uma uyisoni, thana, “Ngiyazivuma izono zami.” Uma ufuna uMoya oNgcwele, thana, “Nkosi, ngi—ngidinga izibusizo zaKho, ukuba zingedlulise ekuphileni. Ngifuna uMoya oNgcwele.” Uma ugula, thana, “Ngidinda ukuphiliswa, Nkosi, futhi manje

ngikwemukela kuWe. Ngiyakukholwa.” Uma uzokwenza, khona-ke uzokwemukela.

³⁶³ Manje asiphakamise izandla zethu nje, ngamunye ngendlela yakho uqobo. Kuzofanele kube ngukuvuma kwenu. Futhi ngizonikhulekela lapha. Manje kukholweni, futhi nikhuleke. Ngizonikhulekela, nawe zikhulekele uqobo lwakho. Khuleka nje. Vuma amaphutha akho. Vuma ubuthakathaka bakho. Yenza isithembiso sakho kuNkulunkulu ukuthi awusebuthakathaka; usuqinile. Awusilo igwala. Awuzukugula. Ungeke usasikhonza isono. Uzokhonza uNkulunkulu. Yenza ukuvuma kwakho futhi ukukholwe. Ngumphefumulo wakho. Yisibopho sakho. Kunjalo.

Kukhona oshaye umlilo. Kwenziwa ngaleyondlela. Kukholweni nje.

³⁶⁴ Nkosi Jesu, lelihora elikhulu lilapha, esikhulu, isikhathi esibucayi. Usuku lokugcina lomkhosi lulapha, isikhathi sokugcina, ithuba lokugcina. Lababantu basekudingeni. UMoya oNgcwele mawehle, Nkosi. Kwangathi abantu bangaWubona, baWuzwe ngokuthinta, bazi ukuthi lowo nguNkulunkulu, uKristu empilweni yabo, ezama ukungena ngalesisikhathi, futhi abanike izifiso ezinkulu ezijulile zenhliziyo yabo. Siphe khona, Nkosi. Gwalisa i... bona ngoMoya oNgcwele. Philisa abagulayo. Thola udumo eGameni laKho.

³⁶⁵ Manje, Sathane, uhluliwe empini. Ulahlekelwe ngumhlangano. Ulahlekelwe ukunqoba. Ngibiza ukunqoba, eGameni likaJesu Kristu, kuwo wonke umuntu phakathi lapha. Phuma lapha, Sathane. Ungeke usababamba. Ngiyababiza, imiklomelo, yeNkosi uJesu Kristu. Amen.



NINGESABI ZUL63-0607
(Be Not Afraid)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo Juni 7, ngo 1963, wenzelwe umhlangano weFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn eTucson, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwu ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwu futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org